

Umzila Phezu Komzila

Isigaba 1

Izindaba ezivela eThestamente Elidala
ezibhalelwe abantwana

Lamavesi achasisa izindaba

F. L. Mortimer

"Ngoba kuyisilayezelo phezu kwesilayezelo,
isilayezelo phezu kwesilayezelo,
umzila phezu komzila, umzila phezu komzila,
lapha ingcosana, lalapho ingcosana." - Isaiah 28:10

Free Presbyterian Church of Scotland, Zimbabwe Presbytery
9 Robertson Street, Parkview, Bulawayo, Zimbabwe
Tel. 09 62636 / 61902
Email fpchurch@mweb.co.zw
Fax 09 61902

Kubhalwe ngo-2008

Okumunyethweyo

Isingeniso.....	3
1. Okudaliweyo.....	4
2. Isono sikaAdamu.....	8
3. UKayini loAbela.....	12
4. Uzamcholo.....	16
5. UAbrahama lelizwe elathenjiswa.....	20
6. UAbrahama lomntwana amthenjiswa.....	23
7. UAbrahama lokuhlolwa kothando.....	26
8. UJakobe lephupho lakhe.....	30
9. UJakobe lohambo lwakhe.....	34
10. UJakobe uhlangana loEsawu.....	36
11. UJosefa lamaphupho akhe.....	39
12. UJosefa eseyisigqili.....	43
13. UJosefa esentolongweni.....	45
14. UJosefa lomphathinkezo lomphekizinkwa.....	47
15. UJosefa lokuphuma kwakhe entolongweni.....	50
16. UJosefa eseyinduna enkulu eGibithe.....	53
17. UJosefa ledili lakhe labanewabo.....	57
18. UJosefa lokuziveza kwakhe kubafowabo.....	61
19. UJosefa loyise.....	65
20. UMozi lokuphila kwakhe engumntwana.....	69
21. Ukukhetha okulungileyo kukaMozi	72
22. UMozi lesihlahla esivuthayo	74
23. UMozi lenhlupheko yakuqala.....	78
24. UMozi lenhlupheko zokucina.....	81
25. UMozi loLwandle oluBomvu.....	86
26. UMozi lemana lamanzi aphuma edwaleni.....	90
27. UMozi lentaba iSinayi.....	93
28. UMozi lethole legolide.....	98
29. UMozi lethabhanekele.....	102
30. UMozi labapristi.....	106
31. UMozi lokuhamba kwabakolsrayeli.....	110
32. UMozi labahloli belizwe.....	113
33. UMozi lokona kwakhe lokukaAroni.....	117
34. UMozi lenyoka yethusi.....	120
35. Ukufa kukaMozi.....	122
36. UJoshuwa loRahabi.....	125
37. UJoshuwa lomfula iJordane.....	128
38. UJoshuwa lemithangala yeJeriko.....	131
39. Ukufa kukaJoshuwa.....	134
Imibuzo emilutshwana eqakathekileyo.....	137

Isingeniso

Umlobi walolugwalo uNkosikazi F. L. Mortimer, wayengumlobi odumileyo wengwalo zabantwana eNgilandi ekhulwini letshumi lesificamunwemunye ekubalweni kweminyaka. Waziwa kakhulu ngokulandelana kwezingwalo zakhe - “Ukulunguza Kosuku”, oselwahunyutshelwa ezindimini ezingu-38, lo”Mzila Phezu Komzila”, olupha izindaba ezivela eThestamenteni Elidala, zibhalelwe abantwana.

“Umzila Phezu Komzila” wasetshenziswa ekufundiseni Ulwazi lweBhayibhili ezikolweni ezinengi zeMfundo Yangaphansi kulelizwe eminyakeni ethile edlulileyo. Lwaqala ukuhunyutshelwa elimini lwesiNdebele ngu M. M. Carnegie weLondon Missionary Society ngo-1906.

Lezizingwalo zisatholakala ngesiNgisi.

1. Okudaliweyo

UGenesise 1

Ekuqaleni uNkulunkulu wadala izulu lomhlaba.

UGenesise 1:1

Bathandekayo, ngiyazi ukuthi selezwa ukuthi uNkulunkulu wenza umhlaba lo. Kungenzeka yini ukuthi umuntu wenza umhlaba? Hatshi, kungenzeke ukuthi umuntu wenza lo umhlaba.

Abantu bangenza izinto ezinengi, ezifanana lamabhokisi, lezitsha. Mhlawumbe liyayazi enye indoda ekwaziyo ukubaza ibhokisi. Aluba belizavalela indoda le endlini engelalutho phakathi, njalo lithi kuyo, "Kawusoze uphume lapha de ubaze ibhokisi." Kambe lindoda bekungezeka ukuthi iphume yini? Hatshi – loba sekutheni. Indoda ibingelenze ibhokisi ngaphandle kokuthi ilolutho lokulenza ngalo. Kumele ibe lamapulanka, kumbe izenge, ikhadibhodi ingabe olunye ulutho. Kodwa uNkulunkulu wayengelalutho lokwenza umhlaba ngalo. Wakhuluma kuphela, njalo kwenzeka¹.

Ukwenza izinto emayeni kuthiwa "yikudala". Kakho ongadala loba yini ngaphandle kukaNkulunkulu. Uyakwazi ukuthi kungani uNkulunkulu kuthiwa nguMdali? Kungenxa yokuthi wadala zonke izinto². Munye kuphela uMdali. Izingilosu loba umuntu kakulakho ukudala izinto. Bezingedale ithonsi elilodwa lamanzi kumbe impukane eyodwa encinyane.

Liyazi ukuthi uNkulunkulu waba lensuku eziyisithupha ekudaleni umhlaba. Ngizalitshela akwenzayo ngalunye usuku.

1. Ngosuku lokuqala uNkulunkulu wathi, "Kakube khona ukukhanya." kwasekusiba lokukhanya.

2. Ngosuku lwesibili uNkulunkulu wakhuluma futhi, kwasekusiba lamanzi aphakeme kakhulu; lawomanzi athiwa ngamayezi.

1 Izinto ezibonwayo kaziveli ezintweni ezibonakalayo. AmaHeberu 11:3.

2 Wena wadala izinto zonke. Isambulelo 4:11.

Kwakulamanzi njalo phansi kakhulu. Kwakungelalutho olubonakalayo ngaphandle kwamanzi. UNkulunkulu wagcwalisa indawo zonke ngomoya, kodwa liyazi ukuthi umoya kawubonakali.

3. Ngosuku lwesithathu uNkulunkulu wakhuluma, kwasekubonakala umhlabathi owomileyo uvela ngaphansi kwamanzi; njalo amanzi agelezela endaweni eyodwa etshonayo uNkulunkulu ayeyilungisile. UNkulunkulu wabiza umhlabathi owomileyo wathi ngumhlaba, wasebiza amanzi ngokuthi lulwandle. Singahamba phezu komhlabathi owomileyo. Singeke sihambe phezu kolwandle. Ulwandle luhlezi lugiqika, lusenyuka lusehla, kodwa lungeke lwaphuma endaweni le enkulu lapha uNkulunkulu alubeka khona. UNkulunkulu wakhuluma, kwasekumila izinto emhlabeni. Ungangitshela yini ukuthi yizinto bani ezamila emhlabathini? Utshani, lamabele, lezihlahla, lamaluba.

4. Ngosuku lwesine uNkulunkulu wakhuluma, njalo ilanga, lenyanga, lenkanyezi kwenziwa. Ilanga liyakhanya kusukela ekuseni kuze kube ntambama. Ngoba uNkulunkulu kakhethanga ukuthi kukhanye kokuphela. Kuhle kakhulu ukuthi kube mnyama ebusuku nxa silele. Kodwa uNkulunkulu uvumela ukuthi inyanga ikhanye ebusuku, lenkanyezi lazo. Ukuze nxa sihamba ebusuku sibe lokukhanya okulutshwana. Kulenkanyezi ezedlula esingazibala.

5. Ngosuku lwesihlanu uNkulunkulu waqala ukwenza izinto eziphilayo. Wakhuluma, amanzi asegcwala inhlanzi, lenyoni zaphapha phezu komhlaba zasezihlala phezu kwezihlahla.

6. Ngosuku lwesithupha uNkulunkulu wakhuluma, kwasekuvela emhlabeni izinyamazana; izilwane, izimvu, amankomokazi, amabhiza, lazo zonke inhlobo zezinyamazana, kanye lazo zonke inhlobo zezinto ezihuquzelayo, ezinjengenyosi, ubunyonyo lezibungu ezihuquzela phezu komhlaba.

Ekucineni uNkulunkulu wenza umuntu. UNkulunkulu wathi, "Kasenze umuntu ngomfanekiso wethu." UNkulunkulu wayekhuluma kubani? KuNdodana yakhe iNkosi uJesu Kristu; iNdodana yakhe yayilaye¹ lapho esenza umhlaba. UNkulunkulu wenza umzimba womuntu ngothuli wasephefumulela kuye. Umuntu

1 Ekuqaleni wayekhona uLizwi, njalo uLizwi wayeloNkulunkulu, njalo uLizwi wayenguNkulunkulu. Zonke izinto zenziwa ngaye. UJohane 1:1,3.

wayelomphefumulo kumbe umoya kanye lomzimba. Ngakho umuntu wayelakho ukukhumbula ngoNkulunkulu. Emuva kwalokhu uNkulunkulu wenza umfazi ngeqatha lenyama lethambo kuvela ehlangothini lwendoda.

UNkulunkulu wabanika oAdamu loEva zonke izinyamazana lezinyoni. Wasebabusisa wababeka ensimini yaseEdeni, wasetshela uAdamu ukuthi alondoloze isivande. UNkulunkulu eseqedile yonke imisebenzi yakhe, wabona ukuthi ilungile kakhulu yonke. Wayikholwa imisebenzi ayeyenzile. Konke kwakukuhle kakhulu, ukukhanya kwakukhazimula lomoya wawumnandi, umhlaba wawubukeka wembethe okuluhlaza. Ilanga, lenyanga kwakhanya kuhle ezulwini, inyoni, lezinyamazana, lazo zonke izidalwa eziphilayo zazizinhle zithokoza. UAdamu loEva babesedlula zonke izinto ezisemhlabeni, ngoba babelakho ukukhumbula ngoNkulunkulu bamdumise.

7. Liyazi ukuthi kulensuku eziyisikhombisa evikini. Ngosuku lwesikhombisa-ke uNkulunkulu kenzanga lutho kodwa waphumula kuyo yonke imisebenzi yakhe. Walubiza usuku lwesikhombisa wathi lusuku lwakhe, ngoba waphumula ngalo. Lulusuku lweSabatha. Khathesi uNkulunkulu ubiza usuku lokuqala ngokuthi lusuku lwakhe ngoba iNkosi uJesu Kristu yavuka kwabafileyo ngalolosuku. Kulusuku lweNkosi, usuku olukhulu lokudumisa uNkulunkulu.

Kakulasidalwa uNkulunkulu asenzayo ngensuku eziyisithupha esilakho ukumdumisa ngenlimi zaso ngaphandle kukaAdamu loEva. Izingilosi ezulwini zilakho ukumdumisa uNkulunkulu, labantu abasemhlabeni. Abantwana abancinyane bayafunda amaculo ekumdumiseni.

"Khathesi-ke olunye usuku selwedlule,
Ngizahlabela indumiso yoMenzi wami."

UNkulunkulu uyathanda yini ukulizwa limdumisa? Yebo; lapho likhumbula ngaye njalo limthanda lapho limdumisa.

Izingilosi zihlezi zimdumisa uNkulunkulu ngenhliziyo zazo, lathi-ke kufanele.

Khathesi ake sibale izinto uNkulunkulu azenza ilanga ngalinye ngalinye.

Ilanga lokuqala: ukukhanya.

Ilanga lesibili: umoya lamayezi.

Ilanga lesithathu: umhlaba lolwandle lezinto ezikhulayo.

Ilanga lesine: ilanga, inyanga lenkanyezi.

Ilanga lesihlanu: inhlanzi lenyoni.

Ilanga lesithupha: izinyamazana lezinto ezihuquzelayo lomuntu.
Ilanga lesikhombisa: akulalutho; uNkulunkulu waphumula.

Imibuzo

1. Kungani kuthiwa uNkulunkulu ungumdali?
2. Kungenzeka yini ukuthi abantu loba izingilosi kudale izinto?
3. UNkulunkulu wadalani ngelanga lokuqala?
4. Ngelanga lesibili?
5. Ngelanga lesithathu?
6. Ngelanga lesine?
7. Ngelanga lesihlanu?
8. Ngelanga lesithupha?
9. Kuyini into yokucina uNkulunkulu ayenzayo?
10. UNkulunkulu wenzani ngosuku lwesikhombisa?
11. Yiziphi zezidalwa ezingadumisa uNkulunkulu?

2. Isono sikaAdamu

UGenesisise 3

Bonke bonile njalo basilele enkazimulweni kaNkulunkulu.

AmaRoma 3:23

Liyakhumbula ukuthi uNkulunkulu wabeka uAdamu loEva esivandeni esihle, bobabili bahlala lapho kuhle kakhulu. Babengelakuphikisana inkani, babengaguli, bengazi buhlungu. UAdamu wasebenza esivandeni lesi esihle, kodwa engasebenzi kakhulu okokuthi aze azidinise. Umsebenzi wakhe wawumnandi, kwakungatshisi kakhulu kumbe kuqande kakhulu kulesosivande esimnandi; njalo kwakungelakhula, loba umfaba okukhula kulowomhlabathi.

Liyazi ukuthi kwakulesihlahla esisodwa UAdamu ayengamelanga asidle. Ibizo lalesisihlahla sasiyisihlahla solwazi lokulungileyo lokungalunganga. UNkulunkulu wayethe aluba uAdamu esidla kuso uzakufa. UAdamu loEva babengazidla zonke ezinye izihlahla esivandeni lesi. Kalicabangi yini ukuthi babelezithelo ezaneleyo ngaphandle kokudla isihlahla solwazi lokulungileyo lokungalunganga? Babengafisi ukudla okwaso njengoba uNkulunkulu wayebatshelile ukuthi bangakwenzi. Babemthanda uNkulunkulu. Wayengumngane wabo njalo wayejwayele ukuhamba lokukhuluma labo esivandeni. Khathesi lizakuzwa ukuthi uAdamu loEva babababi njani.

Liyazi ukuthi kulexuku elikhulu lengilosi ezikhohlakeleyo; enye yazo ibizwa ngokuthi "nguSathane" njalo uyinkosana yezingilosi ezikhohlakeleyo. USathane wazi ukuthi aluba uAdamu loEva baqhubeka bekhohlakala babezakufa. USathane wabazonda njalo efisa ukubenza bangathokozi; ngakho wacabanga phakathi kwakhe "Ngizazama ukubancenga ukuthi badle lesosithelo uNkulunkulu owabatshela ukuthi bangasidli. Ngalokho uSathane wathatha umzimba wenyoka¹ wasengena ensimini.

1 Inyoka endala, ebizwa ngokuthi nguDiyabhola njalo uSathane, okhohlisa umhlaba wonke. Isambulelo 12:9.

Wambona uEva, wenza angathi ulomusa, wasesithi kuye, "Kungani lingadli isithelo salesisihlahla?" Wasesithi, "UNkulunkulu wasilaya ukuthi singadli lesosithelo, njalo aluba sisidla sizakufa."

Kodwa inyoka yathi, "Hatshi; kaliyikufa; kodwa lesisithelo sizalenza lihlananiphe njengoNkulunkulu." Umfazi wesaba ukudla, kodwa wakhangela, wasenakana ukuthi isithelo simnandi; wakhangela futhi, wasenakana ukuthi sihle¹. Wabuya wakhumbula, "Ngingathanda ukusidla ngibe sengihlananipha." Ngakho wathatha lesisithelo, wasenika esinye uAdamu.

Laba lihora lokudana! Kazisabanga khona insuku zokuthokoza kuAdamu loEva. Babengamlalanga uNkulunkulu, basebegangile; bazi ukuthi bonile; basebesesaba ukubona uNkulunkulu. Masinyane bezwa ilizwi likaNkulunkulu esivandeni; babaleka bayabacatsha ezihlahleni. Bafisa ukuthi ngabe balezigqoko zokubembesa; kodwa babe lamahlamvu ababewathunge bawahlanganisa.

UNkulunkulu wambiza uAdamu esithi, "Adamu ungaphi?" Khona uAdamu wasesithi, "Ngesabile ngoba ngize, ngasengicatsha." Khona uNkulunkulu wathi, "Utshelwe ngubani ukuthi uze? Usudlile okwalesiyana sihlahla na?"

UAdamu wasesithi, "Umfazi onginike ukuthi abe lami, nguye onginike okwesihlahla, ngasengisidla." UNkulunkulu wasesithi kowesifazana, "Kuyini lokhu osukwenzile?" Yena wasesithi, "Inyoka ingikhohlisile, ngasengisidla."

UNkulunkulu wabathukuthelela bonke, kodwa kakhulu inyoka. UNkulunkulu wayithuka yona wathi, "Uzahuba emhlabathini njalo udle uthuli." Kodwa uNkulunkulu wathi ngolunye usuku umfazi uzakuba lomntwana ozanqoba inyoka. Wayezakuba ngubani lumntwana? WayeyiNkosi uJesu. Unina wayengowesifana uMariya. Uyise nguNkulunkulu.

UNkulunkulu wasesithi kowesifazana, "Uzahlala ugula, njalo uAdamu uzakuba yinkosi yakho, uzamlalela yena."

UNkulunkulu wasesithi kuAdamu, "Uzasebenza nzima, njalo ugebhe

1 Owesifazana-ke ebona ukuthi isihlahla sihle ukuba yikudla, lokuthi sona siyabukeka emehlweni, lesihlahla sikhwabitheka ukwenza uhlakaniphe, wakha okwesithelo saso wadla; wasenika lendoda yakhe kanye laye, yasisidla. UGenesisise 3:6.

umhlabathi; ameva lomfaba kuzakhula; uzazuza ukudla; kodwa kuzamela usebenze nzima kangangokuthi amathonsi ezithukuthuku azahlala esebunzini lakho; uzahlala udanile empilweni yakho, ekucineni uzakufa, lomzimba wakho owenziwe ngothuli uzabuyela ethulini futhi."

Lokhu kwaba yizijeziso ezidanisa kangakanani! UAdamu loEva badana kangakanani bekuzwa lokhu! Kodwa lokhu kwakungeyisikho konke. Kabavunyelwanga ukuhlala kuleso sivande esihle. UNkulunkulu wabaxotsha baphuma, njalo uNkulunkulu kabavumelanga ukuthi bangene esivandeni futhi; ngakho walaya ingilosi elenkemba evuthayo ukuthi ime eduzane laso. Kube kanti uNkulunkulu wabazwela ngokubanika izigqoko ezenziwe ngezikhumba zezinyamazana. Babezame ukwenza izigqoko zamahlamvu ezihlahla, kodwa uNkulunkulu wabapha izigqoko ezingcono.

Likhumbula ukuthi imiphefumulo kaAdamu loEva ifanele iye ngaphi nxa imizimba yabo isifile? KuSathane? Yikho okwakuthenjwa nguSathane; kodwa iNkosi uJesu ebusisekileyo yayithembise uYise ukwehla izesindisa uAdamu loEva labantwana babo ukuthi bangayi esihogweni.

UAdamu loEva bakwazi ukuthi umntwana owayezazalwa ngalanga thize wayezasindisa abantu ukuthi bangayi esihogweni¹ ngakho babelenduduzo thize enhliziyweni zabo ekuphumeni kwabo esivandeni.

Kwathatha isikhathi eside ukuthi uJesu azalwe njengomntwana, njalo wazalwa kulumhlaba, ekucineni weza, njalo wafa esiphambanweni. Le yiyo indlela anqoba ngayo uSathane². Bathandekayo kwakungasumusa omkhulu yini kaJesu ukuthi athi kuyise uzakuza azasifela? Akufanelanga yini ukuthi simthande kakhulu?

-
- 1 Njalo ubutha ngizabufaka phakathi kwakho lowesifazana lenzalo yakho lenzalo yakhe. Yona izakuchoboza ikhanda, wena uzayichoboza isithende. UGenesisise 3:15.
 - 2 Ngakho njengoba abantwana behlanganyele inyama legazi, laye uqobo wahlanganyela khona lokho, ukuze ngokufa amchithe yena obelamandla okufa, onguSathane, abakhulule labo bonke abathi ngokwesaba ukufa impilo yabo yonke babebanjwe ebugqilini. AmaHeberu 2:14,15.

Imibuzo

1. UAdamu walelwa ukudla okwasiphi isihlahla?
2. Ngubani owathi uEva adle okwaso?
3. UEva wadlelani okwaso?
4. UEva wanika bani isithelo?
5. Sijeziso bani uNkulunkulu asinika inyoka?
6. Sijeziso bani asinika uEva?
7. Sijeziso bani asinika uAdamu?
8. Kungani uNkulunkulu engavumelanga uAdamu loEva ukuthi bahlale esivandeni?
9. UNkulunkulu wapha sithembiso bani?

3. UKayini loAbela

UGenesise 4

Ngaphandle kokuchitheka kwegazi kakubi khona uthethelelo.
AmaHeberu 9:22

Emva kokuxotshwa kukaAdamu loEva esivandeni, baba labantwana ababili. Amabizo abo ayengoKayini loAbela.

UKayini wayekhohlakele njengoSathane; kodwa uAbela wayelungile, ngoba lanxa inhliziyo yakhe yayigangile kanti uNkulunkulu wafaka uMoya wakhe oNgcwele kuyo okwamenza wathanda uNkulunkulu. UAbela waba lusizi ngezono zakhe wasecela uNkulunkulu ukuthi amthethelele¹, uNkulunkulu wasemthethelela.

UKayini loAbela babemele basebenze nzima njengoAdamu uyise. UKayini wayengumlimi, ehlanyela amabele lezihlahla. UAbela wayengumlondolozisi wezimvu engumalusi.

Khathesi ngizalitshela ukuthi uKayini loAbela baziphatha njani phambi kukaNkulunkulu. UNkulunkulu wayengasahambi ekhuluma labantu njengokwenza kwakhe esivandeni kuqala. Kodwa wayekhuluma kwesinye isikhathi, njalo evumela abantu ukukhuleka kuye. Liyazi ukuthi uJesu wayethembise ukufela uAdamu labantwana bakhe, njalo yiso isizatho esenza uNkulunkulu waba lomusa kangaka kubo.

UNkulunkulu wabafisela ukuthi bahlale bekhumbula ukuthi uJesu wabathembisa ukubafela, ngakho wabafundisa indlela yokukugcina engqondweni zabo.

Wabatshela ukuthi babuthelele amatshe (le inqumbi yabizwa ngokuthi lilathi), babesebefaka inkuni phezu kwelathi, njalo bathathe iwundlu kumbe izinyane balibophele ngentambo phezu kwelathi; bathathe ingqamu babesebebulala iwundlu, njalo balitshise phezu

1 Ngoba bonke bonile njalo basilele enkazimulweni kaNkulunkulu. AmaRoma 3:23.
Ngokholo abadala bafakazelwa. AmaHeberu 11:2.

kwalathi. Ukwenza lokhu kuthiwa yikunikela umhlatshelo.

Nxa abantu besenza lokhu uNkulunkulu wathanda ukuthi bakhumbule ukuthi uzavumela njani indodana yakhe ukufela izono zabo¹. Lapho uJesu ebethelwa esiphambanweni wayefanana lewundlu elibotshelwe elathini².

UAbela waletha amawundlu wawanikela kuNkulunkulu, njalo uAbela wakhumbula izithembiso zikaNkulunkulu. Ngakho uNkulunkulu wathokoza ngoAbela langomhlatshelo wakhe. UAbela eletha iwundlwana lomhlatshelo wazi ukuthi wayelesono enhliziyweni yakhe ngakho ke kufanele afe³. Kodwa izinyane lafa esikhundleni sika Abela, njengoba iNkosi uJesu yafa esikhundleni sethu. UKayini kamlalelanga uNkulunkulu, kodwa waletha izithelo esikhundleni sezinyane, ngalokho uNkulunkulu wamzondela uKayini, njalo kawuthandanga umhlatshelo wakhe.

Ngakho uKayini wathukuthela wamzonda uAbela ngoba wabona ukuthi ulungile ngenxa yokuthi wathandwa nguNkulunkulu kakhulukazi. UKayini waba lomona kuAbela. UNkulunkulu wasekhuluma kuKayini wathi, "Uthukutheleleni? Aluba uzangithanda ungikhonze, ngizathokoza ngawe, kodwa nxa kungenjalo uzajeziswa." UKayini waphikelela eqhubeka ngenkohlakalo.

Khathesi zwanini lokho acina ekwenza. Kwathi ngolunye usuku ekhuluma loAbela egangeni wasukuma wambulala. Igazi likaAbela lacithwa emhlabathini. UAbela waba ngumuntu wokuqala owafayo. UKayini waqala ngokumzonda uAbela, ekucineni wambulala lanxa engumnawakhe.

Masinyane uKayini wezwa ilizwi likaNkulunkulu limbiza. UNkulunkulu wathi kuye, Ungaphi umnawakho uAbela? UKayini waphendula wathi, Angazi, kanti yimi engingumlondolozo womnawami na? Kodwa uNkulunkulu wathi, Ngilibonile igazi lomnawakho emhlabathini, njalo khathesi uthukiwe wena. Uzatshiya uyihlo lonyoko uzulazule emhlabeni.

1 Ngokholo uAbela wanikela kuNkulunkulu umhlatshelo ongcono kuloKhayini. AmaHeberu 11:4.

2 Khangelani iWundlu likaNkulunkulu, elisusa isono somhlaba. UJohane 1:29.

3 Inkokhelo yesono iyikufa, kodwa isipho somusa sikaNkulunkulu siyimpilo elaphakade ngoKristu Jesu iNkosi yethu. AmaRoma 6:23.

UKayini wathi, Isijeziso sami sikhulu kulengingakuthwala. E ungavumi ukuthi ngibulawe! UNkulunkulu wathi, Awuzukubulawa, kodwa uzazulazula usiya kundawo ngendawo. Ngakho uKayini wahamba wayahlala elizweni elikhatshana, wasezakhela izindlu yena labantwana bakhe, bahlala phakathi kwenkohlakalo, babengabantwana bakaSathane, loNkulunkulu kabamnanzanga.

Ngakho uAdamu loEva balahlekelwa ngamadodana abo womabili ngasuku lunye ngoba uKayini waya elizweni elikhatshana loAbela wafa. Bakhala kangakanani bebeka uAbela abamthandayo emhlabathini! Kodwa kufanele ukuthi balila kakhulu okwedlula lokho ukukhumbula ukuthi uKayini wayekhohlakele kangaka.

Kungani badla isithelo uSathane aze afike kubo? Aluba babengasidlanga isithelo babengeke babe ngabangathokoziyo. UKayini wayengeke abe ngokhohlakeleyo loAbela wayengasoze afe. Kodwa uNkulunkulu wabaphatha ngomusa oAdamu loEva, wabanika enye indodana eyenziwa nguMoya kaNkulunkulu yalunga. Ibizoy layo lalinguSethi.

Abantwana bakaSethi bamesaba uNkulunkulu, loNkulunkulu wabathanda, wasebabiza ngokuthi ngabantwana bakhe.

Imibuzo

1. Ayengobani amabizo amadodana amabili amadala kaAdamu loEva?
2. UKayini wayesebenzani?
3. UAbela wayesenzani?
4. Abantu babeyinikela njani imihlatshelo?
5. Yayibizwa ngokuthi iyini inqumbi yamatshe lapho okwakutshiselwa khona iwundlu kumbe izinyane?
6. UNkulunkulu wabatshelani abantu ukuthi banikele imihlatshelo?
7. UNkulunkulu wawuthandelani umhlatshelo kaAbela ngcono kulokaKayini?
8. UKayini wambulalelani uAbela?
9. UKayini wamphendula njani uNkulunkulu lapho embuza ukuthi ungaphi uAbela?
10. Sijeziso bani uNkulunkulu asinika uKayini?
11. Lalingubani ibizo lomntakaAdamu omncinyane kubo bonke?

4. Uzamcholo

UGenesise 6 – 9

Ngokholo uNowa exwayisiwe nguNkulunkulu ngezinto ebezingakabonwa, esesaba wakha umkhumbi wosindiso lwendlu yakhe. AmaHeberu 11:7

UKayini wayelabantwana abanengi kakhulu: uSeti wayelabantwana abanengi kakhulu.

Ekucineni oAdamu loEva bafa, loKayini wafa, loSeti wafa: kodwa kwakulokhu kulabantu abanengi emhlabeni.

Kambe lithi abantu laba babelungile ingabe babebabi?

Ekuqaleni abanye babelungile kodwa ekucineni bonke baya besiba babi ngaphandle komuntu oyedwa. Ibizo lakhe lalinguNowa¹. UMoya kaNkulunkulu wayesehliziyweni yakhe, njalo wamthanda uNkulunkulu.

UNkulunkulu wadana ngoba abantu babekhohlakele; wabazondela lababantu ababi, wasezimisela ukubajezisa.

UNkulunkulu wathi kuNowa, "Ngizanisa isikhukhula sezulu elikhulu kakhulu, baze batshone emanzini bonke abantu bemhlabeni, ngaphandle kwakho lomkakho labantwana bakho."

UNkulunkulu wasemtshela uNowa ukuthi akhe umtshokotsho omkhulu. Kuyini umtshokotsho? Unjengesikepe kumbe umkhumbi. UNowa wasesenza umtshokotsho omkhulu kakhulu owawuzantsheza phezu kwamanzi nxa uNkulunkulu esetshonisa abantu ababi.

UNowa wenza umtshokotsho ngamapulanka. UNowa wagamula izihlahla ezinengi waquma lamabhodi wakuhlanganisa ndawonye. Wenza umnyango owodwa emtshokotshweni, lewindi elincinyane ngaphezulu.

1 UNowa umtshumayeli wokulunga. 2 UPetro 2:5.

UNowa wabatshela abantu ukuthi uNkulunkulu uzagalulisa umhlaba ngamanzi, wabalaya ukuthi bayekele ukona kwabo.

Kodwa kabalalelanga. Baqhubeka belokhu besidla benatha bengamkhumbuli uNkulunkulu, loba ukumthokozisa¹.

UNkulunkulu kakhethanga ukuthi zonke inyamazana, lenyoni, lezibungu ukuthi kugalule; ngakho uNkulunkulu watshela uNowa ukuthi kathathe inyoni ezithile zezinhlobo zonke, lenyamazana ezithile zezinhlobo zonke, lezibungu ezithile zezinhlobo zonke, azingenise zonke emtshokotshweni. UNowa wabeka amabele, lezithelo, lotshani emtshokotshweni ukuze zidle nxa zisemtshokotshweni.

Ngakho uNowa wathatha inyoni zalo lonke uhlobo; amajuba athile, amawabayi athile, inkosi ezithile, intaka ezithile, omangqwatsi abathile lezinye ezinengi, zaseziphapha zingena ewindini. UNowa wazuza inyamazana ezithile zalo lonke uhlobo, izimvu ezithile, amabhiza athile, izinja ezithile; njalo wazuza lezibungu ezithile zemihlobo yonke; amavevane athile, ubunyonyo obuthile, inyosi ezithile.

Zonke lezi zangena emtshokotshweni; ngoba uNkulunkulu wazenza zithambe njalo zilalele. Khona uNowa ngokwakhe wangena, lomkakhe, lamadodana akhe amathathu, labomkabo. Babebangaki abantu emtshokotshweni? Babeyisificaminwembili. Kodwa uNowa kavalanga umnyango; wawalwa nguNkulunkulu, njalo uNowa wazi ukuthi angabovula aze atshelwe nguNkulunkulu.

Khona laqala ukuna. Lana imini yonke, lobusuku bonke. Bathini abantu ababi khathesi? Bafisa kangakanani ukuthi ngabe bamlalela uNowa. Aluba bekhwela ezihlahleni ezinde, amanzi afika ezingqongeni; aluba bakhwela ezintabeni ezinde ezifika emayezini, amanzi akhwela alingana lazo; ngoba lana insuku ezingamatshumi amane emini lebusuku. Inyamazana zonke, lenyoni, labantu, labantwana kwafa, ngaphandle kwalokho okwakusemtshokotshweni.

1 Babesidla, benatha, bethatha, besendiswa, kwaze kwaba lusuku uNowa angena ngalo emkhunjini, kwasekufika uzamcolo, wababhubhisa bonke. ULuka 17:27.

Ekucineni kwakungelalutho olubonakalayo ngaphandle kwamanzi lomtshokotsho undenda phezu kwamanzi. UNowa wahlala isikhathi esingakanani emtshokotshweni? Phose umnyaka owodwa ogcweleyo.

Sekuyisikhathi eside liyekele ukuna, uNowa wafisa ukwazi ukuthi kumbe amanzi asecitshile. Wahamba phakathi kwezinyoni, wasekhetha iwabayi, walikhupha ngewindi. Iwabayi yinyoni eyesabekayo. Lalingawuthandi umtshokotsho lanxa kwakungelazihlahla ezibonakalayo kungelalutho ngaphandle kwamanzi kanti iwabayi lalingebuyele kuNowa kodwa laqhubeka liphapha ebusuku lemini phezu kwamanzi.

Kwathi uNowa ebona ukuthi iwabayi kaliphendukanga wabuyela futhi ezinyonini wasekhetha ijuba. Ijuba yinyoni ethambileyo. UNowa walikhupha ewindini; kodwa selibonile ukuthi ngamanzi wodwa ngaphandle, masinyane labuyela ewindini lomtshokotsho. UNowa wakwazi ukuthi inyoni yakhe isibuyile (hlezi yaqoqoda ewindini), waseselula isandla wayingenisa phakathi.

UNowa waselinda insuku eziyisikhombisa, uNowa wasethuma ijuba futhi, khathesi labona izihlahla ezithile; kanti ijuba kalihlalanga, kodwa lakha ihlamvu ngomlomo walo lasebuyela kuNowa. UNowa kufanele ukuthi walithanda ijuba lakhe elincinyane.

UNowa wahlala ezinye insuku eziyisikhombisa khona wabuya walikhupha ijuba, njalo ngalesisikhathi kalibuyanga. Khathesi uNowa wazi ukuthi umhlaba usuwomile, kodwa wahlala esemtshokotshweni ukuthi uNkulunkulu amtsholele ukuthi aphume.

Ekucineni uNkulunkulu wathi kuye, "Phuma emtshokotshweni wena, lomkakho, lamadodana akho amathathu, labomkabo, lezinyoni, lezinyamazana, lezibungu, lazo zonke izinto ezihuquzelayo."

Sesivuliwe isivalo, inyamazana zaphuma. Zathaba kangakanani izimvu ukuthi zibuye zilale phezu kotshani obubuthakathaka, lembuzi ukuthi zikhwele emaqaqeni aphakemeyo! Kwathi kuvulwa iwindi, inyoni zaphapha zaphuma. Zathaba kangakanani ukuthi zibuye zihlale phezu kwezihlahla!

UNowa wabona wonke amaqqa aluhlaza lamasimu njalo, kodwa abantu ababi bona babengaphi? Wayengayikubuya ababone.

UNowa wakhumbula umusa kaNkulunkulu ngokumsindisa ekugaluleni. Wenza inqumbi yamatshe yaba lilathi. Wathatha inyamazana ezithile lenyoni wasekunikela kwaba ngumhlatshelo kuNkulunkulu. UNkulunkulu wathokoziswa yilo umhlatshelo.

UNkulunkulu wasesenza isithembiso esilomusa kakhulu kuNowa wathi, "Kangisoze ngibuye ngigalulise umhlaba futhi. Nxa lisina ungakhumbuli ukuthi kuzaba lozamcholo. Khangela esibhakabhakeni emva kwezulu uzabona idandili. Yiso isiboniso sami ukuthi ngiyasikhumbula isithembiso sami.

Bathandekayo liyake lilibone idandili na? Ukuthi likhulu kangakanani! Ukuthi lilemibala emihle kangakanani! Liyasikhumbuza isithembiso esilomusa sikaNkulunkulu ukuthi akayikuphinda agalulise umhlaba.

Liyazi ukuthi kungani uNkulunkulu wenza lesisithembiso esilomusa. Kungenxa yokuthi iNkosi uJesu ngelinye ilanga izafela izono zabantu bayo. Ekucineni uJesu wehla wazakufa; njalo ngelinye ilanga uzabuya futhi. Uzathatha abantu abamthandayo abase kuye ekhaya ezulwini; abesetshisa umhlaba. Ngithemba lathi sizasindiswa njengoNowa; kodwa nxa uNkulunkulu ezasithola sinakekela ukudla lokunatha lokudlala kuphela singazami ukumthokozisa sizatshiswa¹.

Imibuzo

1. Kungani uNkulunkulu wazimisela ukugalulisa umhlaba?
2. UNowa wasindiswa njani?
3. UNkulunkulu wabazisa yini ukuthi umhlaba uzagaluliswa?
4. Yiyiphi inyoni uNowa ayikhupha emtshokotshweni ukubona ukuthi umhlaba usuwomile?
5. UNkulunkulu wenza sithembiso bani kuNowa?
6. Sifanele ukukhumbulani nxa sibona idandili?

1 Njalo ziqapheleni, ukuthi inhliziyu zenu zingasindwa ngenxa yokuminza lokudakwa lokuphisekela izinto zalokhukusila, lolosuku lulifikele lingananzelele. ULuka 21:34.

5. UAbrahama lelizwe elathenjiswa

UGenesise 12:1-9

Ngokholo uAbrahama walalela ebizwa ukuthi aphume aye endaweni ayezayamukela ibe yilifa. AmaHeberu 11:8

Amadodana kaNowa ayelabantwana abanengi, labo babelabantwana abanengi, kwasekusithi ekucineni abantu banda emhlabeni. Lababantu babelungile kumbe babebabi? Babebabi. Benza olunye ulutho olwalulubi kakhulu. Bagamula izihlahla, basebebaza izifanekiso ezinengi ezifanana labodoli basebezinamathelisa phezulu, baguqa bakhuleka ezifanekisweni, basebesithi, "Lezizithombe zingoNkulunkulu bethu; zasenza njalo zisinika ukudla ukuthi sidle." Lezizifanekiso zibizwa gokuthi yizithombe.

Ubunengi babantu emhlabeni babekhonzwa izithombe kuloNkulunkulu weqiniso. Ngesinye isikhathi izithombe lezi zazibazwa ngezihlahla, ngesinye isikhathi ngamatshe, ingabe isiliva, kumbe igolide.

Ngiyathokoza kangakanani bathandekayo, ukuthi onyoko kabalifundisanga ukukhuleka ezithombeni! Kwathi liqalisa ukukhuluma, balitshela ngoNkulunkulu weqiniso, njalo balifundisa ukukhuleka kuye.

UNkulunkulu esezulwini wakhangela phansi wabona abantu bekhonzwa izithombe, njalo wathukuthela kakhulu¹. Kodwa uNkulunkulu kababulalanga bonke ngoba uJesu wayethe uzafela izono zabantu².

Khona uNkulunkulu wathi, "Ngizakhetha indoda eyodwa ngiyifundise ukungithanda, lokuba yinceku yami³. Kwakulendoda-ke eyayithiwa

- 1 Ngoba ulaka lukaNkulunkulu luyabonakaliswa luvela ezulwini kikho konke ukungakhonzi uNkulunkulu ... kuze kuthi kabalakuzivikela; ngoba kuthe bemazi uNkulunkulu, kabamdumisanga njengoNkulunkulu. AmaRoma 1:18,20,21.
- 2 Ngalokho ngizakubeka ube ngukukhanya kwabezizwe, ube yinsindiso yami kuze kube semkhawulweni womhlaba. Ulsaya 49:6. Ngakho izikhathi zokungazi uNkulunkulu kazinanzanga, kodwa khathesi uyalaya bonke abantu endaweni zonke ukuthi baphenduke. Imisebenzi 17:30.
- 3 Endulo oyihlo babehlala ngaphetsheya komfula, uTera uyise kaAbrahama loyise

nguAbrahama. Uyise, lezinini zakhe babekhonza izithombe. UNkulunkulu wathi kuAbrahama, "Tshiya ikhaya lakho, lezinini zakho, uye elizweni engizakutshengisa lona, njalo ngizakubusisa, ngikulondoloze."

UAbrahama wayengazi lapho uNkulunkulu ayezamtshela ukuthi aye khona¹, kodwa wakhuphuka ngoba uNkulunkulu wayemtshelile ukuthi ahambe. UAbrahama walalela.

UAbrahama waye lomfazi othiwa nguSara, ayemthanda kakhulu. USara wahamba loAbrahama. UAbrahama wahamba lezimvu, lenkomo, labobabhemi, lezisebenzi ezaziqhuba njalo ziselusa.

Kodwa lithi uAbrahama walala ngaphi ebusuku? Kwakulezindlu ezilutshwana ezazibonakala ngaphandle kweganga lezihlahla. UAbrahama walala ethenteni. Wenza ithente ngezinti ezinde, walisibekela ngezigogo zenyamazana.

UAbrahama wayelokususa ithente lakhe esuka kwenye indawo esiya kwenye; ngoba kwakufanele ahambe ummango omkhulu eqansa amaqaqa njalo echapha imifula ebanzi. Ekucineni wafika elizweni elihle, eligcwele izihlahla, lamaluba, lotshani, lamabele. Yilo ilizwe elakhethwa nguNkulunkulu ukuthi uAbrahama ahlale kulo. Ilizwe leli lalithiwa yiKhanani.

UAbrahama waye lokhu ehlala ethenteni. Kwesinye isikhathi wakha ilathi, njalo wanikela imihlatshelo yezinyamazana kuNkulunkulu. UAbrahama kazange akhonze izithombe; kodwa bonke abantu beKhanani bakwenza.

UNkulunkulu wayehlala ekhuluma kuAbrahama esithi, "Ngizakubusisa, ngikulondoloze, njalo kakho ozakulimaza." UNkulunkulu wathokoza ukuthi uAbrahama wasuka kibo lapho emtshela, wasembiza ngokuthi yisihlobo sakhe².

Bathandekayo ngiyathemba ukuthi lani lizalingisa uAbrahama lilalele

kaNahori, babekhonza abanye onkulunkulu. UJoshuwa 24:2. Wena unguJehova uNkulunkulu owakhetha uAbrama. UNehemiya 9:7. UNkulunkulu wenkazimulo wabonakala kubaba wethu uAbrahama eseMesopotamiya. Imisebenzi 7:2.

1 UAbrahama ... waphuma, engazi lapho aya khona. AmaHeberu 11:8.

2 UAbrahama ... wabizwa ngokuthi ngumngane kaNkulunkulu. UJakobe 2:23.

lokhu okukhulunywa nguNkulunkulu eBhayibhilini. UNkulunkulu katshongo ukuthi litshiye amakhaya enu; kodwa ulitshela ukuthi lilunge njalo libe mnene, likhulume iqiniso, njalo limthande. Uba lithanda lilalele uJesu uthembisile njalo ukulisa ezulwini. Kuyathokozisa kangakanani ukuba yisihlobo¹ sikaNkulunkulu!

Imibuzo

1. Inengi labantu emhlabeni lalikhuleka kubani?
2. UNkulunkulu wakhetha bani ukuba yinceku lesihlobo sakhe?
3. Lalingubani ibizo lomfazi kaAbrahama?
4. UAbrahama walala ngaphi ekuhambeni kwakhe?
5. UNkulunkulu wamusa kuliphi ilizwe uAbrahama?
6. Abantu ababehlezi elizweni leKhanani babengabantu abanjani?
7. Kungani uNkulunkulu wathokoza ngoAbrahama?
8. UNkulunkulu wambiza ngokuthini uAbrahama?
9. Ungaba yisihlobo sikaNkulunkulu yini?

1 Lina lingabangane bami, uba lisenza loba yini mina engililaya yona. UJohane 15:14.

6. UAbrahama lomntwana amthenjiswayo

UGenesise 15:5-6; 18:1-17; 21:1-6

LoAbrahama wakholwa uNkulunkulu, kwasekubalelwa kuye ukuthi kuyikulunga, wasebizwa ngokuthi ngumngane kaNkulunkulu. UJakobe 2:23

UAbrahama loSara bahlala ethenteni elizweni leKhanani. Babengelamntwana. UAbrahama wayeyindoda endala kakhulu, loSara wayengumfazi omdala kakhulu. Bobabili babebadala okwedlula uyihlomkhulu logogo wakho. UAbrahama wayesephose abe leminyaka elikhulu, loSara wayephose abe lengamatshumi ayisificamunwemunye.

Ngobunye ubusuku uNkulunkulu wathi kuAbrahama, "Phuma ethenteni lakho ukhangele phezulu esibhakabhakeni. Ubonani?"

Isibhakabhaka sasigcwele inkanyezi okwedlula ezingabalwa ngobunengi. UNkulunkulu wasesithi, "Uzakuba labantwana babantwabakho abanengi kakhulu lezizukulwana ezinengi, lazo zizakuba labantwana abanengi, kuze kube labantu abanengi abanjengenkanyezi ezisesibhakabhakeni; njalo bazahlala elizweni leKhanani, labantu ababi bazaxotshwa kulo."

UAbrahama-ke wayengelamntwana ngitsho loyedwa omncinyane; kube kanti wakholwa ukuthi uNkulunkulu uzakwenza njengokuthembisa kwakhe. Kwakulungile kuAbrahama ukukholwa lokho uNkulunkulu ayekutshilo; ngoba uNkulunkulu uhlezi ekhuluma iqiniso njalo egcina ilizwi lakhe. UNkulunkulu wathokoza kakhulu ukuthi uAbrahama wakholwa kuye¹.

Ngolunye usuku uAbrahama wayehlezi ethenteni lakhe emini njalo ilanga lalitshisa kakhulu. Kodwa ithente likaAbrahama lalingaphansi kwesihlahla. UAbrahama waphakamisa amehlo wabona amadoda amathathu esiza bude buduze. Wagijima waya ukubahlangabeza,

1 UAbrahama wakholwa kuNkulunkulu, kwasekubalelwa kuye ukuthi yikulunga. AmaGalathiya 3:6.

wakhothama wathi kwenye, "Nkosi yami, woza uphumule, ngizakupha amanzi okugeza inyawo zakho, lesinkwana ukuthi udle, khona uzaqhubeka ngohambo lwakho. Amadoda athi azaphumula.

Lithi amadoda la ayengobani? Ayezingilosi zikaNkulunkulu, lanxa ayefanana labantu. Enye yalezizingilosi ngoqotho yayiyiNkosi uJesus. Zazivela ezulwini zilombiko ovela kuNkulunkulu usiya kuAbrahama. UNkulunkulu uyathuma izingilosi zakhe zilombiko ebantwini. Izingilosi zihlezi ziseduze lathi lanxa singeke sizibone.

Ingilosi zahlala phansi ngaphandle kwethente emthunzini wesihlahla. USara wayesethenteni, uAbrahama wathi kuye, "Thatha imphuphu ecolokileyo wenze amaqebelengwana njalo uwabhake masinyane." Khona uAbrahama wagijimela enkomeni zakhe, wakhetha ithole elinonileyo, wathi komunye wezisebenzi zakhe, "Lihlabane ulose masinyane."

Kwathi sekulungile uAbrahama waletha amasi, lochago, lamaqebelengwana, lethole wasesendlala isilayilo ngaphansi kwesihlahla. Lamadoda amathathu aseqala ukudla, njalo uAbrahama wema eceleni kwawo.

Esadla athi kuAbrahama, "Ungaphi uSara umkakho?" UAbrahama wasesithi, "Usethenteni." Khona enye yamadoda yathi, "USara uzakuba lendodana."

USara wezwa lokhu okutshiwo yingilosi, njalo kakholwanga ukuthi uzakuba lomntwana lokhu wayesemdala, ngakho wahlekela ngaphakathi.

Ingilosi yathi, "Uhlekeleni uSara?" USara wasesithi, "Kangihlekanga"; ngoba wayesesaba. Kodwa ingilosi yathi, "Isibili uhlekile."

Amadoda asevuka aqhubeka ahamba. UAbrahama wahamba kancinyane lawo wasebuyela ethenteni lakhe.

Likhumbula ukuthi uNkulunkulu wasikhumbula yini isithembiso sakhe? Ngomnyaka olandelayo uSara waba lendodana. Ibizayo lalinguIsaka. Wayengumntwana olungileyo, njalo uNkulunkulu

wamthanda. UAbrahama loSara bathokoza kakhulu ngendodana yabo encinyane.

Liyabona-ke ukuthi uNkulunkulu wagcina isithembiso sakhe. Wayethe kuAbrahama loSara bazakuba lendodana encinyane, wasebapha. Kwakuqondile ukuthi uAbrahama akholwe isithembiso sikaNkulunkulu loNkulunkulu laye wathokoza ngoAbrahama ukukholwa lokho ayekutshilo¹. USara kakholwanga ekuqaliseni, kodwa emva kwalokho wakholwa². UNkulunkulu wasethokoza langaye.

Bathandekayo lifanele ukukholwa izithembiso zikaNkulunkulu. Uthembiseni uNkulunkulu? Ukulipha uMoya oyiNgwcele nxa limcela³. Uyasikholwa yini isithembiso sakhe? Khuleka-ke kuNkulunkulu ukuthi akuphe lowoMoya. Uzagcina isithembiso sakhe; ungaba leqiniso ukuthi uzakwenza lokho.

Imibuzo

1. Bangaki abazukulu lezizukulu uNkulunkulu athembisa ukuzipha uAbrahama?
2. Kungani izingilosi ezintathu zafika ethenteni likaAbrahama?
3. UAbrahama waziphatha njani izithunywa lezo?
4. Zabathembisani oAbrahama loSara?
5. USara wazikholwa yini okokuqala?
6. UNkulunkulu wasigcina yini isithembiso sakhe?
7. Lalingubani ibizo lendodana yabo?
8. Kungani uNkulunkulu wathokoza kuAbrahama?

1 UAbrahama kathandabuzanga ngesithembiso sikaNkulunkulu ngokungakholwa, kodwa waqiniswa ekholweni, enika uNkulunkulu udumo, njalo eqinisekile ngokupheleleyo ukuthi lokho ayekuthembisile, ulamandla ngitsho okukwenza. Ngalokho-ke kwabalelwa kuye ukuthi yikulunga. AmaRoma 4:20-22.

2 Ngokholo laye uSara uqobo wazuza amandla okwemukela inhlangano, esedlulelwe yisikhathi ngeminyaka wabeletha, ngoba wathi uthembekile lowo owathembisayo. AmaHeberu 11:11.

3 ULuka 11:14.

7. UAbrahama lokuhlolwa kothando

UGenesise 22

Ngoba uNkulunkulu wawuthanda umhlaba ngokunjalo, ngakho wanika iNdodana yakhe ezelwe yodwa, ukuze wonke okholwa kuyo angabhubhi, kodwa abe lempilo elaphakade.

UJohane 3:16

UIsaka wasekhula waze waba yindoda. Wahlala ethenteni njengokwakusenziwa ngoAbrahama loSara. Bonke bobathathu babethanda uNkulunkulu, njalo bethandana kakhulu. Kwakulusapho oluncinyane olulentokozo.

Liyazi-ke ukuthi uAbrahama wayelezinto ezinengi. Wayelenkomo labobabhemi, izimvu lembuzi, izisebenzi lamathente, isiliva legolide. Kodwa wayelento eyodwa ayeyithanda okwedlula zonke lezi. Kwakuyini lokho? UNkulunkulu.

Kungani uAbrahama wathanda uNkulunkulu okwedlula okunye konke? Ngoba uNkulunkulu wayengumdali njalo wayemnike konke ayelakho.

Ekucineni uNkulunkulu wathi uzamhlola uAbrahama abone ukuthi uyamthanda sibili kakhulu kulakho konke okusemhlabeni - okwedlula ngitsho ethanda indodana yakhe uIsaka.

Lizwile ukuthi uAbrahama wayejwayele ukutshisa imihlatshelo phezu kwamalathi. Khathezi uNkulunkulu wathi kuAbrahama, "Thatha indodana yakho ethandekayo uIsaka uhambe layo endaweni engizakutshela yona. Uzakwakha khona ilathi uyinikele ibe ngumnikelo kimi."

Kambe lokhu kwakungesinto elukhuni kakhulu yini ukuthi uAbrahama ayenze? Kodwa wafisa ukwenza konke uNkulunkulu amtshela khona ngoba wayemthanda kakhulu uNkulunkulu. Ngakho uAbrahama wabanda inkuni, wazibeka phezu kukababhemi, wabiza inceku ezimbili loIsaka ukuhamba laye. Wamtshiya uSara ekhaya. Bonke bobane bahamba insuku ezintathu. Ekucineni babona intaba

ende khatshana. UAbrahama wazi ukuthi yiyo leyondawo ayezakwakha khona ilathi. Wasesithi ezincekwini zakhe, "Hlalani ngaphansi lapha lobabhemi, mina lejaha sisenyukela entabeni ukuyakhonza uNkulunkulu." UAbrahama wazi ukuthi lanxa uIsaka engabulawa, uNkulunkulu wayezamvusa kwabafileyo¹. Wasusa inkuni kubabhemi wasezibophela emhlana kaIsaka ngentambo. Wathatha isikhuni sokulumathisa umlilo ngesinye isandla, lengqamu kwesinye, bahamba bobabili bakhwela entabeni. UAbrahama loIsaka benyukela entabeni bobabili.

UIsaka wayengakwazi ukuthi uyise wayezamnikela njengomhlatshelo. Wanakana ukuthi uyise wayezanikela iwundlu. Wasesithi, "Baba." UAbrahama wasephendula wathi, "Ngilapha ndodana yami." UIsaka wasesithi, "Nanku umlilo, nanzi inkuni, kodwa iwundlu lingaphi? UAbrahama waphendula wathi, "Ndodana yami, uNkulunkulu uzazitholela iwundlu." Kodwa uAbrahama kamtshelanga uIsaka ukuthi wayezakuba liwundlu.

Basebefika engqongeni yentaba. UAbrahama wasethatha amatshe wakha ilathi; wasusa inkuni emhlana kaIsaka wazibeka phezu kwelathi. Khathesi kufanele ukuthi uIsaka azi ukuthi ngubani ozakuba liwundlu. UAbrahama wathatha umchilo lo obubophe inkuni, wambopha uIsaka izandla lenyawo, waselaliswa phezu kwenkuni njengewundlu. UAbrahama wasethatha ingqamu wayiphakamisa esandleni sakhe ukubulala uIsaka. Andukuba aqhubekele phambili wezwa ilizwi limemeza, "Abrahama, Abrahama!" Kwakuyingilosi esezulwini ikhuluma. Ingilosi yathi, "Ungayibulali indodana yakho, ungayilimazi lakancane. Khathesi uNkulunkulu uyazi ukuthi uyamthanda ngoba umnike indodana yakho eyikuphela kwayo."

UAbrahama wajabula kangakanani ukumthukulula uIsaka, lokubona ukuthi kwakungasweleki ukuthi ambulale!

UAbrahama wabona inqama eyayibanjwe esixukwini ngempondo. Waya wayithatha wayiletha elathini. Wayinikela ukuba ngumhlatshelo esikhundleni sikaIsaka. UAbrahama wambonga kakhulu uNkulunkulu ngoba eyibuyisele kuye indodana yakhe. Ingilosi yasezulwini yammemeza njalo yathi, "UNkulunkulu uthokozile kakhulu ngawe ngokunikela kwakho indodana yakho.

1 Wathi uNkulunkulu ulamandla okumvusa lakwabafileyo. AmaHeberu 11:17-19.

UNkulunkulu uzakubusisa labo bonke abantwabakho, labantwana babantwabakho, labantwababo. Omunye wabantwana babantwabakho uzakwenza bonke abantu babusiswe¹.

Ingilosi yayikhuluma ngobani? Yayikhuluma ngoJesu owayezakuba ngumntwana owayezakufa ukubusisa abantu abanengi. Owayezabenza bathokoze abase ezulwini. Emva kwesikhathi eside kakhulu uNkulunkulu ekhulume loAbrahama, uMariya waba lomntwana omncinyane owaye yiNdodana kaNkulunkulu.

Isiqedile ukukhuluma lingilosi, uAbrahama lo Isaka behla ndawonye entabeni. Kwakungasela nkuni emhlana kaIsaka. UAbrahama wayethokoze kakhulu. Bathola izinceku endaweni lapha ababezitshiye khona lobabhemi, basebebuyela bonke ndawonye kuSara. Lileqiniso yini ukuthi uAbrahama wayemthanda uNkulunkulu? Lazi njani ukuthi wayemthanda? Ngoba walalela uNkulunkulu, njalo wayezimisele ukubulala indodana yakhe lapho etshelwe nguNkulunkulu ukwenza njalo².

Lani lifanele ukumthanda uNkulunkulu ngcono kulakho konke okunye, yebo lifanele ukumthanda uNkulunkulu okwedlula konke. Njalo kungani? Ngoba uNkulunkulu walidala, njalo ulinika konke elikuzuzayo.

Uyamthanda uyihlo lonyoko kakhulu kodwa kufanele uthande uNkulunkulu ngcono kulalokho. Kufanele umthande uNkulunkulu ngcono kulabangane odlala labo, njalo ngcono kulezinto ozithanda okwedlula zonke, lezinto ezimnandi ozidlayo. Uba-ke umthanda uNkulunkulu okwedlula konke, uzakwenza lokho akutshela khona. Kawusoze ukhulume okungasiqiniso ngoba uNkulunkulu uyawazonda amanga. Kawusoze uzonde kumbe uthethise abantu, kodwa uzazama ukuthokozisa uNkulunkulu. Ngalokho uzafanana loAbrahama.

1 Njalo izithembiso zakhulunywa kuAbrahama lenzalweni yakhe. Katsho ukuthi: Lezinzalweni, njengezinengi, kodwa njengeyodwa ukuthi: Lenzalweni yakho, enguKristu. AmaGalathiya 3:16.

2 Olemilayo yami ayilondoloze, nguye ongithandayo. UJohane 14:21.

Imibuzo

1. UNkulunkulu wamtshelani uAbrahama ukuthi anikele indodana ibe ngumnikelo?
2. UAbrahama wakwenza yini lokhu akutshelwa nguNkulunkulu?
3. UIsaka wathini kuyise besenyukela entabeni?
4. Wenzani uAbrahama engqongeni yentaba?
5. Kungani uAbrahama engambulalanga uIsaka?
6. Kungani sifanele ukumthanda uNkulunkulu ngcono kulakho konke okunye?

8. UJakobe lephupho lakhe

UGenesise 23; 25; 27; 28

Khangela-ke, ngilawe ngizakulondoloza zonke indawo lapha oya khona, ngikubuyise kulelizwe; ngoba kangiyikukutshiya ngize ngikwenze lokho engikhulume ngakho kuwe. UGenesise 28:15

UAbrahama loSara babebadala kakhulu. Ekucineni uSara wafa. UAbrahama wafisa ukumngcwaba. Kodwa wayengelandawo eKhanani yokumngwaba, ngakho wabhadala imali ebantwini beKhanani wathenga insimu. Insimu yayigcwele izihlahla njalo kulobhalu khona. Ekucineni uAbrahama laye wafa, uSaka indodana yakhe wamngcwaba obhalwini lapho uSara alala khona.

Isidumbu sikaAbrahama salaliswa ebhalwini. Kodwa umphefumulo kaAbrahama ukuNkulunkulu ezulwini. Wafuna ukuhlala loNkulunkulu ezulwini, okuyilizwe elingcono kuleKhanani¹. Umphefumulo kaAbrahama kawufanga; ukuNkulunkulu khathesi². Lapho uJesu esebuya, uAbrahama uzavuka. Umzimba wakhe kawusayikubonakala uluphele. Uzakuba mutsha njalo ulodumo njengomzimba kaJesu. Aluba limthanda uNkulunkulu njengaye uAbrahama lizahlala ndawonye laye embusweni wezulu³.

UISaka wathatha umfazi olungileyo othiwa nguRebeka. Wahlala ethenteni lapho uSara ayehlala khona. UISaka loRebeka baba lamadodana amabili athiwa ngoEsawu loJakobe. Babengamaphahla. Bobabili babemnyaka munye. Nxa ubakhangela babengafanani, njalo sebekhulile inhliziyi zabo zazehlukene. UJakobe wathanda uNkulunkulu, kodwa UEsawu kamthandanga.

-
- 1 Wayelindele umuzi olezisekelo, omqambi wesimo lomakhi wawo nguNkulunkulu. Khathesi-ke okhokho balangatha elingcono, elingelezulwini. AmaHeberu 11:10,16.
 - 2 Kodwa ukuthi abafileyo bayavuswa, loMozisi watshengisa esihlahleni, lapho eyibiza iNkosi ngokuthi nguNkulunkulu kaAbrahama ... Futhi kayisuye uNkulunkulu wabafileyo, kodwa owabaphilayo; ngoba bonke baphilela yena. ULuka 20:37,38.
 - 3 Abanengi bazakuza bevela empumalanga lentshonalanga, njalo bahlale loAbrahama ... embusweni wamazulu. UMatewu 8:11.

Esekhulile uEsawu waba yindoda waba ngumzingeli, wayeledandili lemitshoko. Wayejwayele ukuya egangeni ukuyatshoka izinyoni lamanqina Wayejwayele ukuziletha ekhaya abesekuphekela ukudla kwemini. Njalo wayejwayele ukupheka inyama abesesipha enye yayo uyise uIsaka. Ukuzingela lokupheka inyama kwakulungile, kodwa uEsawu wathanda ukudla lokunatha okwedlula uNkulunkulu¹.

UJakobe wayengumalusi. Wayengayi khatshana lethente lakhe, loyise lonina loba kuzimvu lembuzi zakhe. Kodwa uIsaka wamthanda uEsawu kuloJakobe. Ngilitshele yini ukuthi wayemthandelani? Ngoba uEsawu wayemlethela inyama emnandi. Kwakungasisizathu esiqondileyo esokuthanda uEsawu ngcono kuloJakobe. Kodwa uRebeka wayemthanda uJakobe loNkulunkulu emthanda uJakobe, kodwa uNkulunkulu kamthandanga uEsawu². Linakana ukuthi uEsawu loJakobe babethandana yini?

Babengathandani? UJakobe ngesinye isikhathi wayesiba ngongelamusa kuEsawu, yikho uEsawu wamzonda wasefisa ukumbulala. Ngolunye usuku uEsawu wathi, "Ubaba uzakufa masinyane, njalo khona ngizambulala umfowethu uJakobe."

URebeka wezwa ukuthi ngelinye ilanga uEsawu ufisa ukubulala uJakobe. Wasesethuka wabiza uJakobe, wathi kuye, "Umnewenu uEsawu udinga ukukubulala, yilokhu ofanele ukwenze. Hamba uye komalumakho ohlala khatshana, ubusuhlala laye. Masinyane ulaka lukaEsawu luzaphela, besengithuma ngikubize ubuye ekhaya."

UJakobe wenza njengokutsho kukanina. Wavalelisa uyise uIsaka, uIsaka wasembusisa engakahambi. UJakobe kacelanga lutho kuyise. Kahambanga lesisebenzi, lamvu kumbe imbuzi – ngitsho lobabhemi wokugada. Wathatha intonga kuphela esandleni sakhe³, waseqalisa uhambo lwakhe. Wezwa edanile kakhulu. Wayeyisihambi esilusizana njalo esiya elizweni elikhatshana ayengazanga alibone mandulo. Ubungeze wadana kakhulu yini ukuthi utshiye uyihlo lonyoko uye elizweni elikhatshana kakhulu?

UJakobe kazange abe lendlu yokulala ohambeni lwakhe. Wayengelathente ngitsho lokulala kilo. Ngakho kwathi ubusuku bufika, wathatha ilitshe walenza umqamelo waselala ubuthongo

1 Kakungabi lamuntu ... ongakhonzi uNkulunkulu, njengoEsawu, owathengisa ubuzibulo bakhe ngokudla okukodwa. AmaHeberu 12:16.

2 UJakobe ngamthanda, kodwa uEsawu ngamzonda. AmaRoma 9:13.

3 Ngilodondolo lwami ngachapha le ijordani. UGenesisise 32:10.

emhlabathini. Kwakulamabhere lempisi kulelolizwe kodwa uNkulunkulu wamlondoloza.

UNkulunkulu wakwazi ukuthi udane kangakanani, njalo uNkulunkulu wammenza waphupha iphupho elihle kakhulu okwedlula wonke osuke wezwa ngawo. Ebuthongweni bakhe uJakobe wabona ilele elide elifinyelela esibhakabhakeni laphezu kwezikhwelo izingelosi ezinhle. Ezinye zisenyuka lezinye zisehla. Ngaphezu kwelele kwakuloNkulunkulu ngokwakhe. Khona uJakobe wezwa ilizwi likhuluma laye. KwakunguNkulunkulu esithi kuye, Mina nginguNkulunkulu kaAbrahama, loIsaka, njalo ngizakulondoloza ekuhambeni kwakho konke, ngikubuyisele ekhaya njalo. Labantwana bakho bazahlala elizweni leli eleKhanani lapha olele khona khathesi.

UJakobe wasevuka ebuthongweni bakhe, ethokoza enhliziyweni yakhe. Wazi ukuthi wayelindwe nguNkulunkulu lezingilosi zakhe. Wayengathandi ukukhohlwa indawo lapha owaba lephupho elimangalisayo khona. Ngakho wathatha amatshe ayewaqamele wenza inqumbi ngawo."Khathesi," wakhumbula, "ngizakuba lakho ukuyithola lindawo nxa uNkulunkulu ezangivumela ukubuya futhi eKhanani njengokuthembisa kwakhe." Wayengenikele umhlatshelelo phezu kwamatshe ngoba wayengelamawundlu, kodwa wathela amafutha phezu kwawo¹, wasekhuleka eNkosini wathi, "Njengoba uNkulunkulu ezangilondoloza, angiphe ukudla, lezigqoko, angibuyisele ekhaya, nguyeye ozakuba nguNkulunkulu wami, lenqumbi le izakuba yindlu kaNkulunkulu."

UJakobe wakholwa ukuthi uNkulunkulu uzamlondoloza njalo ambuyisele ekhaya ngoba wathembisa ukuthi uzakwenza njalo.

UNkulunkulu uyakulondoloza. Uyathumela izingilosi zakhe ukuthi zikulinde njengalokhu akwenza kuJakobe.

1 UJakobe ... wathela amagcobo phezu kwesihloko sensika. UGenesisise 28:18.

Imibuzo

1. Ngubani owangcwaba uSara?
2. Wangcwatshelwa ngaphi?
3. Wayengubani umkaIsaka?
4. Ayengobani amabizo amadodana kaIsaka?
5. Yayiyini imisebenzi yabo?
6. Babemthanda uNkulunkulu yini?
7. UJakobe wasukelani ekhaya ukuya elizweni elikhatshana?
8. Waphuphani elele emhlabathini?
9. Esevuka uJakobe, wenzani?
10. Wathini kuNkulunkulu?

9. UJakobe lohambo lwakhe

UGenesise 29

INkosi ingumelusi wami, kangiyikuswela. Isihlabelelo 23:1.

UJakobe waqhubeka ngohambo lwakhe. Wahamba okwensuku ezinengi njalo wafika endaweni lapha okwakulotshani obunengi khona. Kuleyondawo kwakulomthombo ovalwayo emlonyeni ngelitshe elikhulu. Kwakulezimvu ezinengi emthonjeni kulabantu kanye lazo. Lababantu babengabelusi. Elizweni leli kwakulamanzi amalutshwana. Ngakho uJakobe wathokoza ukubona umthombo.

UJakobe wathi kubelusi, "Liyayazi na indoda ethiwa nguLabani? (Yilo ibizo likamalume kaJakobe.) Baphendula bathi, "Yebo siyamazi." UJakobe wathi, "Usaphila na?" Bathi, "Usaphila, lendodakazi yakhe uRasheli nangu uyeza lezimvu zakhe."

UJakobe wathokoza ukuzwa lokhu ngoba uRasheli wayengumzawakhe. Wagijimela kuye wamanga ekhala elokuthokoza. URasheli wayengamazi uJakobe waze wathi, "Mina ngingumzawakho ngivela khatshana." Khona uRasheli wagijimela kuyise uLabani wathi, "Umzawami uJakobe ufikile, ngimthole ehlezi ngasemthonjeni." ULabani wasethokoza waphuma masinyane ukumhlangabeza uJakobe, wamanga, wasesithi, "Ngingumalumakho, kufanele uze emzini wami." Wamngenisa endlini yakhe.

UJakobe watshela uLabani ukuthi uzakwelusa izimvu zakhe. Ngakho uJakobe waba yisisebenzi sikaLabani. UJakobe wayengumalusi olungileyo engananzi ukutshisa kwelanga emini, lamakhaza ebusuku¹.

ULabani wayelamadodakazi amabili; enye ithiwa nguLeya lenye uRasheli. ULabani wabendisela kuJakobe bobabili. Ngakho uJakobe wayelabafazi ababili. Kakulunganga lokhu, kodwa ngalesosikhathi babengaba labafazi ababili labedlula ababili. UNkulunkulu wamupha uJakobe abantwana abanengi. UJakobe wahlala isikhathi eside emathenteni labafazi labantwana bakhe. Ekuqaleni walondoloza izimvu zikaLabani kuphela, kodwa emuva uLabani wamupha ezinye izimvu lezimbuzi ukuba zibe ngezakhe. UJakobe wahlala kuhle

1 Emini imbalela yangidla, lamakhaza ebusuku, ubuthongo babaleka emehlweni ami. UGenesise 31:40.

engasweli lutho ngoba uNkulunkulu waqinisa ukutsho kwakhe ukuthi uzamupha ukudla lezigqoko. Kodwa uJakobe wayeloku ekhumbula uyise lonina, lelizwe leKhanani lapha ayehlezi khona engumfana. Wakhanuka kakhulu ukubuyela khona ngoba wazi ukuthi uNkulunkulu wathembisa ukunika ilizwe leKhanani ebantwaneni bakaAbrahama labakaIsaka kanye labakhe¹; wasefisa ukubuyela ukuyahlala khona. Khathesi ngizalikhumbuza amabizo amadoda alungileyo, labafazi bawo abahlala kuqala elizweni leKhanani, njalo ngizabhala amabizo abo labomkabo:

UAbrahama USara
 Ulsaka URebeka
 UJakobe OLEYa loRasheli

Imibuzo

1. URasheli wayengubani?
2. UJakobe wambona ngaphi kuqala?
3. Lalingubani ibizo likamalumake kaJakobe?
4. UJakobe wayemenzelani uLabani?
5. Babengobani abafazi bakaJakobe?
6. UJakobe wayelazo izimvu lembuzi ezingezakhe na?
7. UJakobe wayeloyiselani ukubuyela eKhanani?

1 Ngokholo wahlala njengomuntu wezizweni elizweni lesithembiso, njengelemzini, ehlala emathenteni lolsaka loJakobe, ababeyizindlalifa kanye laye zalesosithembiso. AmaHeberu 11:9.

10. UJakobe uhlangana loEsawu

UGenesise 31; 32; 33; 35:1-7

INkosi ingumlondolozisi wakho; ... iNkosi izakulondolozisa kukho konke ukubi, izalondolozisa umphefumulo wakho.

Isihlabelelo 121:5,7

Emva kwalokhu uJakobe wathi kuLabani umalumakhe, "Bengiyinceku yakho okwesikhathi eside, kodwa khathesi sengifuna ukubuyela ekhaya." ULabani wala ukumyekela ahambe, wasemphatha kubi, okwenza ukuthi alangazelele kakhulu ukuya ekhaya.

Ngolunye usuku uJakobe esalusa izimvu wehlelwa yibuthongo walala. Ekulaleni kwakhe waphupha esizwa uNkulunkulu ekhuluma esithi kuye, "Hamba ubuyele ekhaya kuyihlo, njalo ngizakuba lawe." Esevukile uJakobe wathuma umuntu ukuyabiza oLeya loRasheli ngoba wayedinga ukukhuluma labo. Sebefikile wathi kubo, "UNkulunkulu ukhulumile kimi ephutsheni esithi angikhuphuke ngihambe ngibuyele ekhaya kubaba." Ngakho oRasheli loLeya baphendula bathi, "Sizahamba lawe."

UJakobe waselungisa izinto zakhe, amathente akhe, lezigqoko, lakho konke ayelakho. Zonke izinto zakhe zathwalwa ngamakamela, labobabhemi. Abafazi labantwana bakhe abalitshumi lanye bagada amakamela. Izinceku zakhe zaqhuba izimvu, lembuzi, lenkomo, lamakamela, labobabhemi, basebeqalisa uhambo.

ULabani kambonanga uJakobe esuka, ngoba uJakobe wayehlezi khatshana loLabani. ULabani wathi esizwa ukuthi uJakobe uhambile, uLabani wasethukuthela, njalo walandela uJakobe. Kodwa uNkulunkulu kumvumelanga uLabani ukuthi alimaze uJakobe. UJakobe wathaba ukubuyela eKhanani, kodwa kwakulento eyodwa eyayimethusa. Wakhumbula ukuthi uEsawu wayeke wathi uzambulala, wesaba ukuthi hlezi angeza ambulale yena labantwana bakhe. Masinyane uJakobe wezwa ukuthi uEsawu uyeza lamadoda angamakulu amane. Khathesi wakhumbula ukuthi uEsawu uyeza uzambulala, ngakho waqala ukhukhuleka kuNkulunkulu esithi, "O, Nkulunkulu wami, kade ungiphethe ngomusa, ungiphile izinto ezinengi. Khathesi ungavumi ukuthi uEsawu angibulale labantu

bami, ngoba wathembisa ukungilondoloza." UNkulunkulu wezwa umkhulekho kaJakobe.

UJakobe wathi enhliziyweni yakhe, "Ngizathumela isipho kuEsawu ukumtshengisa ukuthi mina ngifisa ukumphatha ngomusa." Ngakho wakhetha ezinye imbuzi, lezimvu, lenkomo, labobabhemi, lamakamela, wasetshela inceku zakhe ukuthi bakuqhube phambili, lokuthi batshele uEsawu ukuthi yisipho sakhe. UJakobe wakhuleka ubusuku bonke kuNkulunkulu. UNkulunkulu wambusisa uJakobe wasemnika ibizo elitsha. Lelobizo lalinguIsrayeli njalo litsho ukuthi inkosana kuNkulunkulu.

Ekuseni uJakobe waphakamisa ubuso wakhangelela wambona uEsawu esiza elamadoda angamakulu amane. UJakobe kabalekanga kodwa wamhlangabeza uEsawu. Esahamba wema kasikhombisa wakhothamela emhlabathini.

Lithi-ke uEsawu wenzani? Wagijimela kuye wamgona wamanga, bakhala bobabili. UNkulunkulu wenza inhliziyi kaEsawu ibe lomusa. UJakobe wathokoza kangakanani ukuthola ukuthi umnewabo wayeselomusa. UJakobe wayekhulekile kuNkulunkulu ukuthi amenza abe lomusa, njalo uNkulunkulu wayewuzwile umkhuleko wakhe.

UESawu wakhangelela wasebona oLeya loRasheli, labantwana, wabuza wathi, "Ngobani laba?"

UJakobe waphendula wathi, "Laba ngabantwana uNkulunkulu abe lomusa ukunginika bona."

Khona oLeya loRasheli, labantwana, bakhothama bonke kuEsawu. Ngitsho lomncinyane kibo bonke owayengumntwana omncinyane wakhothama. WayengumntakaRasheli, lebizu lakhe lalinguJosefa.

UESawu wasesithi kuJakobe, "Ngihlangane lezimvu ezinengi, lembuzi lenkomo endleleni, uzithumeleleni phambi kwakho?" UJakobe wathi, "Ziyisipho sakho."

UESawu waphendula wathi, "Ngilazo ezaneleyo mnawami, gcina olakho kube ngokwakho." Kodwa uJakobe wamncenga wathi, Akuthathe isipho engikunika sona ngoba uNkulunkulu unginikile okunengi kakhulu." UJakobe wasemncenga kakhulu ukuthi azithathe, kwathi ekucineni wazithatha.

UESawu wathi kuJakobe, "Asihambe uhambo sonke; mina ngizahamba phambili."

Kodwa uJakobe wathi, "Ngiyehluleka ukutshitsha njengawe, ngoba ngilabantwana abancinyane, lamawundlu lamazinyane embuzi; aluba siwaqhuba ngamandla okosuku olulodwa azakufa." Ngalokho uJakobe wayengehambe loEsawu. UEsawu wasebuyela kibo okwakukhatshana ngoba uEsawu wayengahlali eKhanani. Kodwa uJakobe wahlala elizweni leKhanani ngoba wathanda ukuhlala kulo.

Liyabona ukuthi uNkulunkulu wamvumela uJakobe ukuthi abuye eKhanani njengokumthembisa kwakhe. UJakobe kakhohlwanga ukuphupha kwakhe okuhle engalitshela ngakho. Waya kuleyondawo kanye lapho ayenze inqumbi yamatshe khona ukuyiphawula ukuze ayithole futhi: Wakha khona ilathi wanikela imihlatshelo kuNkulunkulu owayemphethe ngomusa ongaka. UNkulunkulu wayemnike ukudla lezigqoko njengokuthembisa kwakhe; njalo wayemnike lezinye izinto ezinengi kulalezi, ngoba uNkulunkulu wayemnike abafazi labantwana lezisebenzi lezinkomo; njalo uNkulunkulu wayenze ukuthi umfowabo abe lomusa kuye wamvumela ukuthi abuye eKhanani. UJakobe wamthanda uNkulunkulu kakhulu wambonga ngomusa wakhe wonke.

Kambe uNkulunkulu kazange abe lomusa kini yini bathandwa? Ngitshelani izinto alinike zona. Linganakana ngezinto ezilitshumi kumbe ezilitshumi lambili, ukudla, izigqoko njalonjalo. Ufanele umthande kangakanani uNkulunkulu!

Imibuzo

1. Ngubani owatshela uJakobe ukuthi kaye kibo kuyise?
2. UJakobe wayesesabani esendleleni yokubuyela kibo?
3. Wenzani uJakobe esesesaba?
4. Ibizo likaJakobe elitsha lalingubani?
5. UEsawu waziphatha njani kuJakobe ekumhlangabezeni kwakhe?
6. UJakobe wabuyela njalo yini lapho ayebone khona izingilosu?
7. Yizinto bani ezomusa uNkulunkulu azenzela uJakobe?

11. UJosefa lamaphupho akhe

UGenesise 37:1-25

UYise uyithumile iNdodana ingumsindisi womhlaba.

1 UJohane 4:14

UJakobe wabuye wambona uyise owayesemdala uIsaka; uIsaka wasesifa. UJakobe loEsawu bamngcwaba kulona lolobhalu oAbrahama loSara ababekwa khona. Bonke bazabuya bavuke njalo ngosuku lokucina. Ngoba uIsaka waloyisa ukuhlala elizweni elingcono kuleKhanani: Kusitsho ezulwini. Liyazi ukuthi uEsawu kazange ahlale eKhanani; kodwa uJakobe wakhetha ukuhlala khona, yena labantwana bakhe lezifuyo zakhe.

Kwathi amadodana akhe esekhulile aba ngamadoda, uRasheli wasesiba lenye indodana encinyane ethiwa nguBenjamini. URasheli wafa ekuzalweni kukaBenjamini. UJakobe wayemthanda kakhulu uRasheli, ngakho wadana kakhulu ekubhubheni kwakhe, wasethanda amadodana akhe amabili, uJosefa loBenjamini okwedlula amanye amadodana. UJosefa wayeselanywa nguBenjamini. Wayengumfana osekulile njalo wayelungile kulabo bonke abantwana. Amadodana alitshumi awokuqala ayengabantu ababi. Babengabelusi bezimvu lezimbuzi. Lapho uJosefa elabo bamdabula ngokuziphatha kwabo okubi, njalo babelolunya kuye behlezi bemhalada. UJakobe wayemthanda uJosefa kakhulu, lalokhu kwenza abanye babe lomhawu, njalo bamzonde. UJakobe wanika uJosefa ijazi elihle kakhulu, elimibalabala. Njalo uJosefa wayehlala eligqokile.

KunguSathane owenza abantu babe lomhawu. Kufanele sikhuleke kuNkulunkulu ukuthi asigcine singabi lomhawu. Lizakuzwa izinto ezimbi laba abafowabo abazenzayo ngoba babelomhawu ngoJosefa. Ngobunye ubusuku uJosefa waphupha iphupho elingejwayelekanga. Wabona angathi usensimini yamabele labanewabo, njalo babebopha izinyanda okuthiwa yizithungo. Wakhumbula ukuthi zonke izithungo zabafowabo zakhothamela esakhe. UJosefa wamangaliswa yileliphupho, waselitshela abafowabo.

Kodwa sebelizwile bathukuthela kakhulu bathi, "Thina sinakana

ukuthi wena utsho ukuthi sizakukhothamela, lanxa ungomncinyane kithi." Basebemzonda kakhulu kulakuqala.

Masinyane emva kwalokhu uJosefa wabuye waphupha elinye iphupho elimangalisayo. Wabona ilanga, lenyanga, lenkanyezi ezilitshumi lanye zisezulwini, njalo zonke zakhothama kuye. Leliphupho lalimangalisa okwedlula elakuqala, waselitshela uyise ndawonye labafowabo.

Uyise wamangala wathi, "Kambe kutsho ukuthi, ilanga liyimi, lenyanga unyoko, lenkanyezi abafowenu, njalo sizakukhothamela? Kanti uJakobe wakhumbula ukuthi uNkulunkulu wayethumele leliphupho kuJosefa, njalo ezalenza libe liqiniso. Kodwa abafowabo baya belokhu bethukuthela kakhulu. Abafowabo bakaJosefa-ke babesalusa imihlambi eminengi yezimvu, lembuzi. Njalo baswela utshani obuzanelayo eduze lamathente abo, ngakho baqhuba imihlambi yabo baya khatshana ukuzidingela amadlelo amahle. UJosefa wahlala ekhaya loyise owayesekhulile; loBenjamini wahlala ekhaya ngoba wayengumntana omncinyane. Ekucineni uJakobe waloyisa ukwazi ukuthi amadodana akhe anjani, ngakho wathi kuJosefa, "Hamba uyebona abafowenu, ubusuzengitshela ukuthi banjani, lemihlambi ukuthi injani." UJosefa wayehlezi elungele ukwenza lokho uyise akufisayo, ngakho waqalisa uhambo lwakhe. Kathathanga babhemi wokugada, loba isisebenzi kodwa wagqoka ijazi lakhe elihle wamvalelisa uyise amthandayo, wahamba. Kazange anakane lakancane ukuthi kuzakuba yisikhathi eside kangakanani anduba abone ubuso bukayise amthandayo.

UJosefa wahamba ummango omude kakhulu kodwa kababonanga abafowabo. Emuva kwalokho wabonwa yindoda, yasimbuza yathi, "Udinga bani?"

UJosefa waphendula wathi, "Ngidinga abafowethu, uyabazi lapha abelusela khona imihlambi yabo na?" Indoda leyo yamtshela uJosefa lapho ababeqonde khona.

Kwamkhatsha kakhulu uJosefa ukuthola abafowabo.

Abafowabo-ke bambona uJosefa esiza esesekhatshana. Bakwazi ukuthi nguJosefa, basebekhulumisana besithi, "Nangu lo umphuphi esiza! Kasimbulale, simphosele emgodini otshonayo, sibe sesithela ubaba ukuthi udliwe yisilwane kumbe ibhere. Ngakho-ke esefikile kubo uJosefa bambamba ngamandla. Yena wafika elomusa, lothando

enhliziyweni, kodwa bona babegcwele ulaka. Wayefanana lezinyane phakathi kwezilo eziphangayo. Wayefanana leNkosi yethu uJesu phambi kwamaJuda akhohlakeleyo ambamba esivandeni seGetshemani. INkosi uJesu yayivela ekhaya likaYise ezulwini, njengoJosefa evela ethenteni likayise.

Abafowabo basebefuna ukumbulala kodwa omunye wabo othiwa uRubeni wathi, Kasingambulali kodwa asimphosele emgodini otshonayo. Yena wayelomusanyana kulalaba abanye, ngoba wayehlose ukuthi uzamkhupha emgodini ambuyisele kuJakobe. Abafowabo bavuma ukuthi bangambulali basebemkhupha ijazi lakhe elihle.

O! wakhala kabuhlungu kangakanani ebona lokho ababesakwenza kuye! Wabancenga kangakanani ukuthi banyekele abuyele kuyise! Kodwa kabamnanzanga¹ ngoba inhliziyo zabo zazilukhuni.

Bamphosela emgodini omnyama, waba lapho-ke, walala elambile njalo omile ediniwe ngitsho engelathonsi lamanzi lokuqeda ukoma. Kwamdabula kangakanani ukuthi wayengelakubuyela kuyise amthandayo. Njalo loyise wayezanakana ukuthi ufile!

Kodwa abanewabo abakhohlakeleyo kabazange bananze ukububula kwakhe. Bahlala phansi baqalisa ukudla ukudla kwabo.

UNkulunkulu wababona esesihlalweni sakhe sobukhosi ezulwini wathukuthela kakhulu.

1 Isibili silecala ngomfowethu, ngoba sabona usizi lomphfumulo wakhe, nxa wasincenga, kodwa kasilalelanga. UGenesisise 42:21.

Imibuzo

1. Ibizo lendodana kaJakobe encinyane kulawo wonke lalingubani?
2. Amadodana kaJakobe ayemankaki?
3. Olungileyo wayengubani?
4. UJakobe wayethanda yiphi indodana okwedlula bonke?
5. Abafowabo babemzondelani?
6. UJakobe wamphani uJosefa?
7. Amaphupho kaJosefa amabili ayeyiwaphi?
8. Abafowabo bathukuthelelani ngamaphupho?
9. UJakobe wamthumelani uJosefa ukuya kubanewabo beselusa izimvu?
10. Abafowabo bamphosa ngaphi uJosefa?

12. UJosefa eseyisigqili

UGenesise 37:25-35

Wathi kangisayikukutshiya loba ngikudele; ukuze sitsho ngesibindi sithi iNkosi ingumsizi wami, kangiyikwesaba umuntu azakwenza kimi. AmaHeberu 13:5,6.

Abafowabo besahlezi besidla bakhangela babona khatshana abantu besiza. Sebeseduze babona ukuthi ngamadoda agade amakamela. Ngizalitshele ukuthi la amadoda ayengobani.

Ayehlala elizweni elikhatshana kakhulu, njalo ayevela emaqaqeni lapha okwakulamakha amanengi khona. Ayevela khona ephethe amakha lenhlaka emnandi, esiyakuthengisa elizweni lakibo. Lokhu kwakungumsebenzi wawo. Omunye unnewabo othiwa nguJuda wathi, "Asimthengise uJosefa kulabababantu, ngoba kungcono ukumthengisa kulokumbulala. Sizazuza imali nxa simthengisa; ngoba kuyabe kuyisihluku ukumbulala uJosefa njengoba engumfowethu."

Lokhu kwakukubi sibili, kodwa abanye bavuma bathi kulungile. Abafowabo basebemkhupha uJosefa emgodini. Kambe kwakungasisihluku yini ukumthengisa uJosefa? Lumnewabo wayengelasihawu sibili. Yena ethokoza ekhumbula ukuthi bazamyekela abuyele kuyise. Kodwa masinyane wabona ukuthi uzakuthengiswa. Esembonile uJosefa amadoda la akhupha imali yawo, inhlamvu zesiliva ezingamatshumi amabili, amthatha uJosefa ahamba laye. Esehambile uJosefa, abafowabo bathi, "Sizakuthini kubaba nxa esibuzwa ngoJosefa?" Sizakuthi sithole ibhatshi lakhe emmangweni. Basebebulala izinyane, bafaka ibhatshi lakhe egazini bathi, "Sizamthengisa ubaba ibhatshi le esigcwele igazi." Benza njalo, babuyela ekhaya bephethe ibhatshi leyo, njalo bephethe imali ababethengise ngayo uJosefa. Kambe lithi bathokoza enhliziyweni zabo na? Hatshi, ngoba abantu ababi kabalakuthokoza, kodwa balokwesaba enhliziyweni.

Lanxa uJosefa wayedanile kakhulu wayesazi ukuthi uNkulunkulu ulaye. Ixhegu uJakobe esekhaya wayelokhu ekhumbula amadodana akhe. Wathokoza kangakanani lapho ebona ukuthi ayabuya.

Wakhangela kakhulu ukubona ukuthi uJosefa ulabo na? Kodwa hatshi, la amanye amadodana afika kuye, ezandleni zawo ephethe ibhatshi egcwele igazi. Asemtshela uJakobe esithi, "Sithole lokhu emmangweni. Kambe uthi ngeyomtanakho, ingabe hatshi?" UJakobe wayeyazi wathi, "Ngeyomtanami, isilo simbulele." UJakobe wamkhalela umntanake kakhulu. Amanye amadodana akhe azama ukumduduzisa, kodwa kawalalelanga.

Wathi, "Ngiyekelani ngife khona ngizakuba laye uJosefa; kangisayikuthokoza futhi."

Kwadanisa kangakanani ukubona lelixhegu leyeme edondolweni lwalo. Khathesi wasemthanda okwedlulisileyo uBenjamini, wala ukusuka kuye. Wala ukumyekela ahambe labanewabo njalo wayengebathembe abanewabo lanxa engakwazi ukona kwabo okukhulu. Abafowabo baqala ngokumhawukela uJosefa, basebemthengisa, basebeqamba amanga ukufihla isono sabo.

Abanye abantwana bafihla izono zabo ngokuqamba amanga, kodwa kubi lokhu kakhulu. Libokhumbula ukuthi uNkulunkulu uyalibona njalonjalo, njalo uyawazonda amanga, labakhohlisayo kabayikuhlala laye ezulwini.

Imibuzo

1. Ngobani abedlula abafowabo bakaJosefa besidla duze lomgodi?
2. UJuda wacebisa abafowabo ukuthi benzeni ngoJosefa?
3. Bamthengisa ngamalini?
4. Abafowabo benzani ngebhatshi likaJosefa?
5. Balicwiliselani egazini?
6. UJakobe wanakanani elibona?

13. UJosefa esentolongweni

UGenesise 39

Lapho izindlela zomuntu zimthokozisa uJehova, uzenza lezitha zakhe ukuthi zihlalisane kahle laye. Izaga 16:7

Amadoda athenga uJosefa amusa elizweni elikhatshana elalithiwa yiGibithe. Sebefike eGibithe bazama ukumthengisa kwangathi wayelibhiza kumbe inkomo. Kulelizwe esihlala kulo abantu kabathengiswa. Kwamanye amazwe amadoda ayathengiswa, kuthiwe yizigqili, njalo bayatshaywa basetshenziswe kakhulu, njalo bangabhadalwa mali ngomsebenzi abawenzayo.

UJosefa wathengiswa njengesigqili. Wathengwa yindoda elomusa. Kwakulendoda enothileyo eyayisazi inkosi yakhona; ibizo layo lalinguPotifa. Indoda le yamthatha uJosefa yamusa emzini wayo, yamphatha kuhle. Yamsebenzisa emzini wayo. Umsebenzi kaJosefa wawulula, laye wazama ukwenza konke kuhle.

UJosefa wazama ukuba yisisebenzi esihle. UPotifa wakholwa nguye ebona ukuthi usebenza kuhle, njalo eziphatha kuhle. NguNkulunkulu owenza uJosefa asebenze kuhle, loPotifa wakwazi ukuthi nguNkulunkulu owamenza wasebenza kuhle¹. UPotifa wayengamazi uNkulunkulu weqiniso, kodwa wayekhonzela izithombe. Waqhubeka emthanda uJosefa waze wammisa ukuthi abuse indlu yakhe lakho konke okwakhe. Isibusiso sikaJehova sasikukho konke okwakhe endlini lasemasimini. Inkosi yakhe yatshiya konke okwayo esandleni sikaJosefa, yayingazi lutho olwayo kuphela ukudla ekudlayo. UJosefa wayehlezi kuhle kodwa kakohlwanga uyise labanewabo, loBenjamini; unina wayesekade wafa.

Khathesi lizakuzwa ngolutho olubi olwamehlelayo uJosefa. UPotifa wayelomfazi okhohlakeleyo, owadukisa uPotifa emtshela izinto ezimbi esithi zenziwe nguJosefa. UPotifa wamkholwa umkakhe wathukuthela kakhulu, wamfaka uJosefa entolongweni eyayisendlini

1 Inkosi yakhe yasibona ukuthi uJehova ulaye, lokuthi konke akwenzayo uJehova wakuphumelelisa esandleni sakhe. UGenesise 39:3.

yakhe¹. Kwakulabantu abanengi entolongweni; inengi labo babonile; kodwa uJosefa wayengenzanga lutho olubi. UNkulunkulu wayelokhu emthanda uJosefa; wamthabisa lanxa esentolongweni. Umlindintolongo wamphatha ngomusa, wamthanda ngoba wabona ukuthi uJosefa ungumuntu olungileyo. Wavuma ukuthi uJosefa agcine abanye ababotshiweyo, umlindi lo wanikela kuJosefa umsebenzi wakhe wonke; lakho konke akwenzayo uJosefa, uJehova wakubusisa. UJosefa wathemba ukuthi ngolunye usuku uNkulunkulu uzamkhupha entolongweni.

Imibuzo

1. Amadoda athenga uJosefa amusa ngaphi?
2. Amthengisa kubani?
3. UPotifa wamphatha njani uJosefa?
4. Ngubani owaqambela uJosefa amanga kuPotifa?
5. UPotifa wamenza njani uJosefa?
6. Umlindi wentolongo wamphatha njani uJosefa?

1 UJosefa wathengiswa abe yisigqili. Balimaza izinyawo zakhe ngamaketane. Isihlabelelo 105:17,18.

14. UJosefa lomphathinkezo lomphekizinkwa

UGenesise 40

Ukuhlolwa kokholo lwenu kuveza ukubekezela; kodwa ukubekezela kakube lomsebenzi ophелеleyo, ukuze libe ngabapheleleyo liphelelisiwe, lingasileli ngalutho. UJakobe 1:3,4.

Liyakhumbula ukuthi intolongo yayisendlini kaPotifa. Ngolunye usuku uPotifa waletha amadoda amabili kuJosefa ukuthi awagcine entolongweni. Liyabona na ukuthi uPotifa wayemthemba uJosefa? Hlezi wayebonile ukuthi uJosefa wayengamubi njengokunakana kwakhe kuqala, kodwa kamkhuphanga entolongweni.

Sengizalitshela ukuthi ayengobani amadoda la ayelethwe nguPotifa kuJosefa. Ayeyizisebenzi zenkosi yeGibithe. INkosi le yayilezisebenzi ezinengi eziyisebenzelayo. Omunye wamadoda la amabili wayeyinduna yabaphathinkezo owayepathela inkosi iwayini yokunathwa. Omunye wayeyinduna yabaphekizinkwa; bobabili laba babonile enkosini, ngakho bafakwa entolongweni. Ngolunye usuku ekuseni uJosefa weza kubo wabona ukuthi badanile kakhulu. Wababuza wathi, "Lidaneleni kangaka lamhla?" Baphendula bathi, "Siphuphile ilowo iphupho elimangalisayo ngalobubusuku. Sinakana ukuthi amaphupho la alendaba, kodwa akulamuntu entolongweni okwaziyo ukusichasisela lindaba." UJosefa wasesithi, "UNKulunkulu wami uyakwazi konke; yena angangivezela indaba le, ake lingitshela amaphupho enu." Induna yabaphathinkezo yakhuluma kuqala yathi, "Ngabona ekuphupheni kwami, isihlahla sevini. Sasilengatsha ezinthathu, kodwa sasingelazithelo. Ngathi ngisakhangela ngabona amahlumela, masinyane aba yizithelo ezivuthiweyo. Ngazikha izithelo ngazikhamela esitsheni, ngenza iwayini, ngayisa enkosini ukuze inathe, njengokwenza kwami kuqala." Leli laliphupho lomphathinkezo. UNkulunkulu wamtshela uJosefa indaba yephupho lelo.

Wathi uJosefa enduneni, "Ukubona kwakho ingatsha ezinthathu

kubonakalisa ukuthi kukhona okuzakwehlela ngensuku ezinthathu. Inkosi izakuhupha ukuthi ube yinduna yabaphathinkezo njalo."

Yathi induna yabapheki isizwa ukuchasiswa okuhle okunje yathemba ukuthi lephupho layo lizakuba njalo, ngakho yaphangisa ukukhuluma yathi, "Mina ngiphuphe ngihamba ngithwele izitsha ezintathu ezimhlophe ekhanda. Phakathi kwezitsha kwakulokudla okuvuthiweyo, njalo inyoni zeza zadla okusesitsheni esiphezu kwezinye". Iphupho lelo lalisitsho okubi. UJosefa wathi, "Kukhona okuzakwehlela ngensuku ezinthathu. Inkosi izathuma ikuthathe ikuphanyeke esihlahleni, lenyoni zizakuza zicuthe inyama yakho emathanjeni akho."

Kwathi lapho induna yabaphathinkezo ithaba kakhulu ngalokhu okukhulunywa nguJosefa, induna yabapheki yadana kakhulu ngoba yazi ukuthi izakufa. UJosefa wacela into eyodwa enduneni yabaphathinkezo. Kambe lingatsho ukuthi kwakuyini lokhu akucelayo? Wathi uJosefa kuyo induna le, "Nxa usulenkosi yeGibithe uyinika iwayini, ungayitshela ngami yini, ubike kuyo indaba yami? Ngangihlala elizweni elikhatshana, ngathunjwa khona, khathesi sengivalelwe entolongweni njalo kakungifanele lokhu ngoba kangonanga lutho. Cela enkosini ukuthi ngikhutshwe." Liyabona ukuthi uJosefa kakhulumanga ngokona kwabafowabo ngokumthengisa. Ngensuku ezintathu inkosi yathuma amanye amadoda entolongweni ukuzakhupha lezizinduna ezimbili. Kwakulusuku lokuzalwa kwenkosi njalo yabenzela abantu bayo idili. Yakhumbula induna lezi yathi, "Induna yabaphathinkezo izabuya kimi, kodwa induna yabaphekizinkwa izakufa." Khathesi laba bobabili babona ukuthi uJosefa wayeqinisile ekukhulumeni kwakhe.

Kambe lithi induna yabaphathinkezo yamkhumbula uJosefa isisenkosini? Hatshi, yamkhohlwa. Yayingelakubonga enhliziyweni yayo. UJosefa wayemphethe kuhle kodwa yena kamphathanga kuhle, yikho ngisithi wayengelakubonga enhliziyweni. Abanye abantwana banjalo kubazali babo, kababongi lanxa bona babephethwe kuhle bebancinyane. Njalo abanye abantu kababongi kuNkulunkulu owabapha umntanakhe ukuthi abafele. UJosefa wahlala, kodwa kakufikanga muntu ukuzamkhupha entolongweni. Kwadlula iminyaka emibili esavalelwe phakathi. Kodwa uNkulunkulu wayengamkhohlwanga.

Imibuzo

1. Ngobani amadoda amabili uPotifari awanikela ukuthi agcinwe nguJosefa?
2. Kuyini okwabenza bakhanye bedanile ngenye ikuseni uJosefa engena?
3. Laliyini iphupho lomphathinkezo?
4. Lalisitshoni?
5. Laliyini iphupho lomphekizinkwa?
6. Lalisitshoni?
7. UJosefa wacela ukuthi umphathinkezo amenzeleni?
8. Umphathinkezo wamkhumbula yini uJosefa?

15. UJosefa lokuphuma kwakhe entolongweni

UGenesise 41

Njalo siyazi ukuthi izinto zonke zisebenzelana okuhle kulabo abamthandayo uNkulunkulu, ababiziweyo ngokwecebo lakhe.

AmaRoma 8:28

Ngilitshelile ngenkosi enkulu yeGibithe. Yayiyinkosi yelizwe lapha uJosefa ayehlezi khona; ibizo layo lalinguFaro. Yayilezisebenzi ezinengi njengoba sengike ngalitshela. Yahlala esihlalweni sobukhosi, yembatha izigqoko ezinhle, lekethane yegolide entanyeni, lesongo esandleni, lomqhele wegolide ekhanda. Yayihlala endlini enhle ihamba ngenqola enhle edonswa ngamabhiza amanengi, njalo nxa isedlula, abantu bonke babekhothama phansi emhlabathini.

Ngelinye ilanga ebusuku inkosi le yaphupha amaphupho amabili amangalisayo. Sengizalitshela amaphupho la. Yakhumbula ukuthi yayimi ngasemfuleni, njalo lokuthi kwaphuma emfuleni amankomokazi ayisikhombisa anonileyo, aqala ukudla utshani obuseduze. Lokhu kwakukuhle, kodwa masinyane inkosi yabona amanye amankomokazi ayisikhombisa amabi acakileyo kakhulu, aphuma emfuleni, adla aqeda amankomokazi awokuqala anonileyo. Njalo lanxa ayewadlile ayelokhu ecakile njengakuqala. Yasivuka inkosi. Masinyane yabuya yalala, yaphupha ibona uhlanga olulodwa lwebele, lulezikhwebu eziyisikhombisa ezinhle. Isakhangele yabona olunye uhlanga lwebele lulezikhwebu eziyisikhombisa ezimbi kakhulu, lezo zadla zaqeda izikhwebu ezinonileyo. Yiwo la amaphupho kaFaro; wamangaliswa yiwo wadinga ukuzwa ukuchasiswa kwawo. Ekuseni watshela izisebenzii zakhe ukuthi zidinge abantu abathi bayakwazi ukuchasisa amaphupho. Kweza amadoda amanengi athiwa ngahlakaniphileyo kodwa wonke ehluleka ukuyitshela inkosi mayelana lamaphupho ayo. Inkosi yadana ingazi engakwenza.

Ekucineni induna yabaphathinkezo yamkhumbula uJosefa. Kuze kube khathesi yayingamkhumbuli, kodwa khathesi yayisisisola, yasisithi enkosini, "Ngiyawakhumbula amaphutha ami lamhla. Uyazi nkosi

ukuthi wake wasithukuthelela, mina lenduna yabaphekizinkwa, wasivalela entolongweni endlini yenduna uPotifa. Sisesentolongweni, umphekizinkwa lami saphupha ilowo iphupho lakhe. Elinye ijaha, eliyisisebenzi, lasitshela ingcasiselo yamaphupho ethu. Lathi umpheki uzakufa, kodwa mina ngizakhutshwa entolongweni. Kwaba njalo, umphekizinkwa wafa, kodwa wena wathuma wangibiza, njengokutsho kwejaha. UFaro waselaya ukuthi libizwe ijaha leli likhutshwe entolongweni. Ngakho-ke izisebenzi zenkosi zaya entolongweni ukuyabiza uJosefa. Wathokoza ebona ukuthi uNkulunkulu uzwile ukukhuleka kwakhe.

Waphangisa wagqoka izigqoko ezinhle waya enkosini, weza endlini yayo wema phambi kwayo. Inkosi yathi kuye, "Ngizwile ngawe ukuthi wena uyakwazi ukuchasisa amaphupho."

UJosefa wathi, "Kayisimi engikwaziyo kodwa nguNkulunkulu wami okwaziyo, njalo ngiyazi ukuthi yena uzangitshela ukuthi ngiwachasisa njani amaphupho akho." UFaro wasemchasisela uJosefa amaphupho womabili, elamankomokazi ayisikhombisa, lelezikhwebu eziyisikhombisa.

UFaro eseqedile ukukhuluma uJosefa wathi, "Amaphupho akho womabili alengcasiselo nye, ayakutshela ngokuzayo. Ngeminyaka eyisikhombisa ezayo kuzakuba lenala enkulu. Kodwa emuva kuzakuba lendlala enkulu eyeminyaka eyisikhombisa. Amankomokazi anonileyo ayiminyaka yenala; amankomokazi acakileyo ayiminyaka yendlala elandela inala. UNkulunkulu wakuthumela amaphupho la ukuze wazi okuzakuza."

Kambe lithi inkosi yathini? UJosefa wakhuluma kuFaro wathi, "Gcina, ubeke amanye amabele yonke iminyaka yenala ukuze abekhona nxa sekuvela indlala. Inkosi ifanele ukudinga umuntu ohlakaniphileyo ozabutha alondolozwe amabele eziphaleni ezinkulu ukuze abantu bangafi yindlala." UFaro wayekholwa nguJosefa ngoba wawachasisa amaphupho akhe. UFaro labantu bakhe bonke bakholwa wonke amazwi kaJosefa.

Inkosi uFaro yasisithi kuzo izisebenzizi zayo, "Ngizamthola ngaphi umuntu ohlakaniphileyo njengoJosefa? Nguye ozabutha alondolozwe amabele." UFaro wasesithi kuJosefa, "Wena uhlananiphe okungangokuthi ungangisiza, ubuse bonke abantu balelilizwe."

Bonke bazakulalela wena njengoba bengilalela mina, wena uzaba mkhulu ulandele mina.

UFaro wasesusa indandatho esandleni sakhe, wayifaka esandleni sikaJosefa. Wamnika izigqoko ezinhle, leketane yegolide entanyeni. Wamnika inqola enhle; walaya ukuthi abantu bakhothame nxa bembona.

UJosefa-ke wayeseyinduna enkulu, kodwa wayengasivila. Wahamba elizweni lonke ukuthenga amabele, wakha iziphala indawo zonke wazigcwalisa ngamabele; wenza njalo okweminyaka eyisikhombisa. Kahlalanga nje esidla enatha, kodwa wayehlezi esiza abantwini. Wathatha umfazi waba lamadodana amabili. Kodwa wayelokhu esakhumbula uyise owayesemdala ethemba ukuthi ngolunye usuku uzambona njalo.

Kabazondelanga abafowabo. UJosefa wazi ukuthi kwakunguNkulunkulu owabayekela ukuthi bamthengisa njengesigqili, lokuthi uNkulunkulu wabavumela ukuthi bakwenze, ukuze agcine amabele eGibithe. KunguNkulunkulu owenza zonke izinto zenzakala¹. Ulezizatho ezihlakaniphileyo zakho konke akwenzayo. Uba esivumela ukuthi sibe lohlupho, kungokwesizatho esithile esihle. Ngolunye usuku sizakwazi ukuthi kungani². Liyakwazi ukuthi uNkulunkulu wabayekelelani abantu abakhohlakeleyo ukuthi babulale iNkosi uJesu. Kwakungenxa yokuthi kufanele afe esikhundleni sethu abesesisindisa esihogweni.

Imibuzo

1. Ayeyini amaphupho kaFaro inkosi yeGibithe?
2. Ngubani owamtshela ngoJosefa?
3. UJosefa wazi njani ukuchasisa lamaphupho?
4. Kwakuyini ukuchasiwa kwalamaphupho?
5. UJosefa wathi inkosi izakwenzani ukusiza abantu endlaleni?
6. UFaro wakwenzelani ukuthi uJosefa abe ngumbusi ebantwini?

1 Umuzi ungehlelwa ngokubi engakwenzanga uJehova yini? UAmosi 3:6.

2 Engikwenzayo mina, kawukwazi khathesi, kodwa uzakwazi emva kwalezizinto. UJohane 13:7.

16. UJosefa eseyinduna enkulu eGibithe

UGenesise 42

Ofihla iziphambeko zakhe kayikuphumelela, kodwa ozivumayo azitshiye uzakuthola umusa. Izaga 28:13

Lizwile bakithi ukuthi uJosefa khathesi wayesehose alingane lenkosi ngobukhulu. Ngeminyaka eyisikhombisa emva kokuphupha kwenkosi kwavela inala enkulu. Kodwa emuva kwalokho kwavela indlala enkulu. Abantu bafika kuFaro babika indlala. Yena waphendula wathi, "Yanini kuJosefa, uzalisiza. UJosefa wasevula iziphala ezigcwele amabele, wawathengisa amabele ebantwini. Bafika abantu abanengi ukuzathenga amabele, abanye bevela khatshana kodwa amabele abonela bonke.

Phakathi kwabantu abezayo kwakulamadoda alitshumi avela elizweni elikhatshana. Ngulowo waye lobabhemi wakhe, lomgodla, lemali. Lithi amadoda la ayengobani? Ayengabafowabo bakaJosefa, uJosefa ebona wabazi lanxa wayengababonanga okweminyakengamatshumi amabili. Wabazi lababafowabo abalesihluku, ababemthengise ngenhlamvu ezingamatshumi amabili esiliva. Aluba ethanda wayengabatshaya abathonisise. Lithi uJosefa wabajezisa, ingabe wabaphatha ngomusa na? Selizakuzwa khathesi ukuthi wabaphatha njani.

Abafowabo bakhumbula ukuthi uJosefa uyinkosi enkulu. Babengamazi ngoba khathesi wayesekhulile eyindoda elezigqoko ezinhle, njalo wayelebizo elinye ayelithiwe yinkosi.

Ngakho nxa abafowabo bembona bakhothama emhlabathini phambi kwakhe. UJosefa wasekhumbula ngephupho lakhe elezithungo ezakhothamela isithungo sakhe, wasebona ukuthi uNkulunkulu ulenze laba liqiniso. UJosefa wazizwa elungele ukubathethelela abafowabo, kodwa wayethanda ukubona ukuthi bayazisola na, lokuthi bayamthanda uyise, loBenjamini omncinyane. Ngakho wazithulela, kabatshelanga ukuthi yena ungubani.

Wazenza umuntu ololaka, wakhuluma labo ngendlela yohalado wathi

kubo, "Livela ngaphi?" Baphendula bathi, "Sivela elizweni leKhanani sizethenga ukudla." Kodwa uJosefa kakholwanga ukuthi bakhuluma iqiniso wathi, "Lizehlola lelizwe, lendlala yalo."

Baphendula bathi, "Hatshi, singabantwana bamuntu munye, silitshumi, njalo sizethenga ukudla." Kodwa uJosefa wathi, "Angiyikulikholwa." Kodwa abafowabo bakaJosefa bamphendula bathi, "Siyizelamani. Sake saba litshumi lambili, kodwa omunye kasekho, lomncinyane usexhegwini elingubaba." Bazama ukwenza uJosefa akholwe ababekutsho, kodwa wala, kodwa wazenza angathi kabakholwa.

Ekucineni wasesithi, "Ngifuna ukubona umnawenu. Ngizathuma omunye wenu ukuyamthatha, ngigcine abanye benu entolongweni aze abuye lomnawenu omncinyane. Abafowabo bethuka kakhulu besizwa lokhu, ngoba bakwazi ukuthi uyise kayikuvuma ukwehlukana loBenjamini. Ngakho bala bonke ukumthatha uBenjamini.

Nxa abantu bevalelwe balesikhathi sokuthi bakhumbule njalo bakhuleke. Ngiyathemba, bantwana bami abathandekayo, nxa livalelwe njengesijeziso, ukuthi likhuleka uNkulunkulu alenze lilunge.

UJosefa wabavalela bonke entolongweni okwensuku ezinthathu. Besaba kakhulu bengazi ukuthi uzabenzani uJosefa. Emva kwensuku ezintathu uJosefa wathi kubo, "Yenzani engizalitshela khona, khona lizasila ngoba mina ngiyamesaba uJehova." Abafowabo bamangala kangakanani ukuzwa ukuthi uJosefa wayemesaba uNkulunkulu, ngoba abanye abantu baseGibithe babekhonza izithombe. UJosefa wathi, "Ngizafaka omunye wenu kuphela entolongweni; njalo abanye benu bazabuyela ekhaya lamabele. Kodwa lapho seliphenduka kufanele libuye lomnawenu onguye omncinyane kini lonke ukuze ngibone ukuthi belikhulumile iqiniso."

Abafowabo bathokoza ukuthi bazabuyela ekhaya, kodwa badana ukuzwa ukuthi omunye wabo uzafakwa entolongweni. Bakhumbula ukona kwabo kuJosefa njalo bakhulumisana bathi, "UNkulunkulu uyasitshaya khathesi ngoba samphatha kubi uJosefa, lanxa wasincenga sala ukumlalela."

UJosefa ekuzwa abakutshoyo waphuma endlini wakhala inyembezi. Wathi uJosefa esebuyela endlini wathatha omunye wabafowabo

othiwa nguSimeyoni wambopha wamngenisa entolongweni.

Bengakasuki abafowabo ukuya ekhaya, uJosefa wathi komunye wezinceku zakhe, "Nxa usuyigcwalisile imigodla yala amadoda ngamabele, buyisela emigodleni yawo imali abathenge ngayo amabele, njalo uwanike umphako wendlela. Inceku yenza njengokutsho kukaJosefa, kodwa abafowabo babengazi okwenziweyo. Bathokoza kakhulu ukusuka eGibithe lokubuyela kuyise lebantwaneni babo ababesebesele lokulutshwana kokudla.

Sebefikile ekhaya bamtshela uyise konke okwabehlelayo. Bakhuluma bathi, "Kwakulenduna enkulu eGibithe ethengisela abantu amabele. Njalo yasihalada, yathi kasilandanga ukuzathenga amabele, sizehlola ilizwe. Sayitshela ukuthi thina kasisizo inhloli kodwa siyizelamani ezilitshumi lambili lokhuthi omunye wabhubha, lomunye ukubaba eKhanani." Kodwa induna le kayisikholwanga, yathi kufanele silethe umnawethu omncinyane kithi sonke, yasithatha uSimeyoni yamvalela entolongweni, yathi kayisoze imkhuphe size sibuye loBenjamini."

UJakobe lo omdala wadana kakhulu ukuzwa yonke lindaba. Kwathi abafowabo bakaJosefa beqala ukuvula imigodla yabo yamabele, bamangala kakhulu ukuthola imali yabo emigodleni yabo. Kodwa kabathokozanga ngalokhu ngoba bakhumbula ukuthi omunye wayeyifake lapho ukuthi abayangise. Besaba ukuthi nxa bebuyela eGibithe kuzakuthiwa bangamasela bajeziswe.

Babengayibanga limali kodwa babengamasela, ngoba ngesikhathi esithile bameba uJosefa basebemthengisa ngenhlamvu ezingamatshumi amabili zesiliva.

Besaba kakhulu ukubuyela eGibithe lokuyibona induna enkulu yakhona. Lithi uJakobe wavuma ukumyekela ahambe labo uBenjamini na? Hatshi, ngoba wathi emadodaneni akhe, "Kangivumi ukuthi ahambe lani hlezi ehlelwe ngokubi. Libasusile abantwana bami ababili, oJosefa loSimeyoni, njalo aliyikumbuyisa uBenjamini aluba ngizavuma ukuthi ahambe. Aluba okubi kuzamehlela, ngizakufa mina.

Ngakho abafowabo bahlala eKhanani ngoba bazi ukuthi kakuzikusiza lutho ukubuyela eGibithe engekho uBenjamini labo. Khathesi

basebedubeka kakhulu, bejeziswa nguNkulunkulu ngokona kwabo.

Imibuzo

1. Ekuveleni kwendlala abantu baqonda kubani ukuyathenga amabele?
2. UJosefa wabazi yini abanewabo nxa ebabona?
3. Bona babemazi yini?
4. Babengamazi ngenxa yani?
5. Iphupho likaJosefa mayelana lezithungo zamabele laqiniswa njani?
6. UJosefa wathini kubafowabo?
7. Wabafaka ngaphi okwensuku ezinthathu?
8. UJosefa wathi balethe bani ekubuyeni kwabo?
9. Wafaka bani entolongweni, lokho abanye besiyathatha uBenjamini?
10. UJosefa wathi kufakweni ndawonye lamabele abo?
11. Babesesabani lapha bebona imali emgodleni yabo?
12. UJakobe walelani ukumyekela uBenjamini ahambe labanewabo eGibithe?

17. UJosefa ledili lakhe labanewabo

UGenesis 43

Ngoba uKristu laye walihluphekela, esitshiyela isibonelo, ukuze lilandele isibonelo sakhe. Owathi ethukwa kazaphindisela ngokuthuka, ehlupheka kazasongela. 1 UPetro 2:21-23

UJakobe wala ukumyekela uBenjamini ahambe labafowabo, ngakho bahlala bonke ekhaya. Masinyane bawaqeda amabele abo, njalo uJakobe ebona indlala yabo wathi, "Yanini njalo lisithengele ukudla. Basebesithi kuye, "Singeze sahamba uBenjamini engekho, ngoba induna ethengisa amabele yathi singayiboni ngaphandle kokuthi sibuye lomnawethu omncinyane kithi sonke. Aluba uvuma ukuthi uBenjamini ahambe lathi, khona sizahamba.

UJakobe wadana ukuzwa lokhu wathi kubo, "Layitshelani leyondoda ukuthi lilomnawenu ekhaya? Kwakuyikungiphatha ngolunya ukuyitshela lokhu." Izelamani zaseziphendula zisithi, "Induna yasibuza imibuzo eminengi, yathi kithi, "Uyihlo uyaphila na? Lilomnawenu omunye na?" Kanti besisazi ukuthi izakuthi mletheni umnawenu na? Kodwa uJakobe wayelokhu esala ukumyekela ahambe. Omunye wamadodana othiwa nguJuda wathi, "Mina ngizamlondoloza uBenjamini aluba umyekela ahambe. Ngithembisa ukuthi ngizambuyisa kuwe, aluba ngingambuyisi, umlandu uzakuba kimi. Ngoba thina labantwana sizakufa uba ungamyekeli ahambe lathi."

UJakobe wabona ukuthi uBenjamini labo bonke bazakufa lapha elokhu esala. Ngakho wamnikela uBenjamini esandleni sikaJuda ukuthi amlondolozze. Kodwa uJakobe wesaba ukuthi induna izabahlupha ngemali eyabuyiselwa emigodleni, ngakho wathi kumadodana akhe, "Phathelani induna isipho, khanini imibhida yezihlahla ezisemasimini enu, lamakha, loluju, kube yisipho senduna."

UJakobe wakwazi ukuthi induna le inothile ayisweli lutho, kodwa wathumezela isipho ukwenza inhliziyoyayo ibe mhlophe. UJakobe

